# *UJesu Kristu Nguyena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

. . . wena kakhulu, Mfowethu.

2 Ngixhuxhume kakhulu ngenkathi ngizwa leloculo, *Phansi Evela ENkazimulweni YaKhe*. Noma ngabe ubengubani lowomfowethu obecula lelo, ngizwile ukuthi ubelinikelela mina, impela ngiyakuthakasela lokho, lelo yihubo lami engilikhonzile. Labhalwa ngumngane wami siqu, uMfowethu William Booth-Clibborn.

3 Kuzwakalisa phakathi lapho ubuNkulunkulu beNkosi yethu uJesu Kristu. Namhlanje lapho bezama ukuMenza nje omunye umuntu, noma—noma umprofethi, noma okuthize, ngicabanga ukuthi lokho kuveza lokho Ayeyikho. Wehla evela eNkazimulweni, uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni kuKristu Jesu, iNdodana yaKhe, Wa—Wa—Waveza enyameni yaKhe lokho uNkulunkulu ayeyikho. NoNkulunkulu angaveza ngathi lokho Ayikho uma nje sizoMvumela. Ngokulunga kukaKristu, khona-ke ukungalungi kwethu akubalelwa kithi. Kuyabalelwa, ukukholwa kwethu kubalelwa ukuthi kuyobalelwa kithi njengokukholwa nokulunga emehlweni aKhe, okungukuthi, asinakho okungokwethu ebesingakunikela.

4 Ngithemba nje ukuthi kuzoba yisikhathi esikhulu futhi, ukuthi ngingabuyela ku—kulelidolobha. Kulokhu ukusa bengikhuluma kwezithandeka ngempela, izethameli ezincane lapha, zezethameli ezisabelayo ngempela. Ngizizwela ukuthi uma singahlala nani isikhashanyana ukuze sazane . . . Inkonzo yami iyinqaba kancane, futhi ngakho-ke ngingakwazi ukukuzwakalisa konke enkonzweni eyodwa encane, khona-ke kukwenza umangale nga*lokhu* noma *lokho*. Kodwa lapho sivakashile isikhashana impela, ungabona ubusuku emva kobusuku futhi ubhekisise okukhulunyiwe futhi ubone ukuthi kuyenzeka yini, bese-ke uqala ukuqonda ukuthi inkonzo iyini, bese kuthi-ke kusenza siqondane kangcono kakhulu.

5 Ngiyasithakasela ngempela isimemo umelusi lapha angiphe sona ukuba ngize lapha ebandleni, ngani nonke bantu, nangawo onke amabandla kulo lonke idolobha. Ngiyethemba ngelinye ilanga, uma kuba yintando kaNkulunkulu, ukuthi ngingabuya futhi ngihlalele inkonzo elulwe kakhulu edolobheni, lapho ebesihlanganisa khona bonke a—abantu, amabandla, abefundisi.

6 Futhi, kulobubusuku, kulukhuni impela kubefundisi, mhlawumbe abaningi babantu babo abagulayo babedingeka bathole imvume yokwehla ukuba bakhulekelwe. Futhi ngifisa

sengathi bengingezwakalisa imizwa yami kubelusi abakhiphe amabandla abo kulobubusuku, ukuze bebengeza ukuzozwa inkonzo futhi bakhulekelwe. Kwangathi iNkosi ingawabusisa njalo amadoda anjalo, amadoda o—obukhulu—obuqotho obukhulu, umuntu othize onenhliziyo yangempela ngabantu abagulayo nabadingayo. Ngineqiniso ukuthi bazophumelela, ekwenzeni izinto ezinjalo.

7 Manje, ngicabanga ukuthi kunamabandla amaningana lapha. Ngisanda kuba nencwadi nje engiyivulile emizuzwaneni embalwa edlule ivela kumelusi weFirst Assembly of God lapha edolobheni, futhi ubenothile ogula ngempela, lapha esibhedlela. Futhi—futhi uma, angazi, usebandleni ngalesisikhathi, ngiyethemba, futhi impela ngizoba semkhulekweni ngalowomuntu, uma noma yimuphi wabantu bakubo elapha.

8 UKristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, Angehluleke neze. Futhi ngithemba ukuthi Uzobusisa ngamunye wethu kulobubusuku, futhi sizosuka lapha nenkazimulo kaNkulunkulu enhliziyweni yethu.

9 Manje, ngingathanda ukusho lokhu, ngenxa nje yokwedlula, futhi ngikhulekela abagulayo, nokusho inkonzo yokuphulukisa, manje, thina, leyo akusiyo yonke inkonzo yami, sikholwa ukuthi into yokuqala yinsindiso, ngoba uma uphulukiswa, uzophila noma nini mhlawumpe uyophinde ugule futhi, kodwa lapho wemukela uKristu, unokuPhila okuPhakade. Futhi kukhulu kangakanani ukuPhila okuPhakade kunokuphulukiswa nje komzimba na?

10 Kodwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, uKristu wakusebenzisa, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ukuheha ukunaka kwabantu. Futhi cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha enkonzo yaKhe yayisekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Ngakho-ke, kuyinto ethize ekhombisa okungaphezu kwemvelo.

11 Futhi manje, konke lokho okungake kwenzelwe umuntu, wena, mina, noma ubani, kwaphelelisiswa futhi kwafezwa eKalvari. Manje, lapho ngi...abaningi, ngizwile abaningi bethi babenokuphulukiswa ezandleni zabo, futhi lokho—lokho kungaba yiqiniso konke, angazi, kodwa indlela engikukholwa ngayo, ngukuthi ukuphulukiswa kwethu kupheleliswe ngensindiso yethu, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina." Yinkathi edlule.

12 Manje, indlela kuphela esingemukela ngayo noma yini kuNkulunkulu ingukuthi (Manje bambani lokhu.), akusikho ukufuna into ethize, uthi, "Isandla sami sikhubazekile, ngakhulekelwa, isandla sami asiqondi ngomzuzwana," lokho akusho ukuthi angiphulukisiwe. Qhabo, lokho akwenzi, akuhlangene ngalutho nakho, niyabo, ngoba ngiqaphelile eminyakeni engamashumi amathathu nanye enkonzweni,

iminyaka eyishumi nanhlanu ukuzungeza nasemhlabeni jikelele, ukuthi ngezinye izikhathi ukhulekela umuntu, kungaba yiviki noma amabili ngaphambi kokuba kuze kwenzeke.

13 Futhi bengicabanga ngodaba manje nje, bengivame ukubhekisela kulo, inenekazi langena emhlanganweni, futhi kwakusemgqeni womkhuleko, noMoya oNgcwele uqala ukulitshela ngokuthi lalingubani nokuthi yini eyayingalungile. Lalinesilonda esesabekayo ngaphakathi esiswini salo, futhi—futhi-ke Walitshela lokho, yilokho uMoya oNgcwele owawukusho. Liyazi ukuthi kwakufanele kube yinto ethize ukwembula lokho, lakuqonda, futhi lalifuna ukusebenzela phezu kwakho.

14 Futhi khona-ke ezansi ngomugqa phambidlana kwakungumakhelwane walo, nomakhelwane walo wayenesimila entanyeni yakhe. Futhi wakhulekelwa, noMoya oNgcwele wawumemezele ukuthi uphulukisiwe.

15 Awu, ngenkathi eya ekhaya, wathi, "Awu, mhlampe ngizovele nje ngiqhubeke futhi ngidle manje, sengikahle." Ngakho waqala ukudla, futhi kwamenza wagula ngempela. Futhi amaviki amathathu noma amane edlula, futhi noma kunjalo, wayezama ukuba nokukholwa ukuba aqhubeke.

16 Futhi umyeni wakhe wamtshela, wathi, "S'thandwa, anginandaba ngawe unokukholwa okunjalo," kodwa wathi, "uletha nje ihlazo phezu kwayo impela imbangela kaKristu." Wayazi kancane kanjani lowomyeni! Angeke akwenze lokho inqobo nje uma evuma iZwi laKhe, ngokuba UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu. Angeke asenzela into eyodwa size kuqala sivume ukuthi sekwenziwe.

17 Nina bantu osindisiwe, niyakwazi lokhu. Ubungeza lapho e-altare futhi ukhale, futhi ulale e-altare futhi uvume, futhi, konke okufunayo, futhi ukhale, futhi ukhuleke, futhi ushaye e-altare unyaka nonyaka, futhi awusoze wasindiswa uze wemukele ukuxolela kwaKhe. Niyabo? Kuyinto ethize oyemukelayo, ingeyakho, ingeyakho. Ukuphulukiswa kungokwakho, ufanele ukwamukele. Futhi uze ukwemukele . . .

18 INcwadi yamaHeberu ithi UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu, noma ukuzisho, kokubili kuhunyushwe ngokufanayo. Lapho sikuvuma, UngumPristi oMkhulu ukwenza ukunxusela kulokho esikuvumayo, futhi sivuma umsebenzi waKhe osuqediwe eKalvari.

19 Lona wesifazane wayenza lokho. Ngokunye ukusa wayegeza izitsha zakhe, futhi khona manjalo, wathi wayecabanga ngomhlangano, nomyeni wakhe wayemtshelile ngobusuku bakuthangi, wathi, "S'thandwa, ngikholwa ukuthi kungcono uhlale ngokuqinile ekudleni kwakho, kanjalonjalo, futhi uyeke ukusho ngokuphulukiswa." Wathi, "Angakuphulukisa ngesinye isikhathi."

20 Wathi, "Myeni, uma leyondoda ibingangitshela ukuthi yiziphi izinto zempilo yami engizenzile, futhi ibiqinisile, futhi yangitshela, ISHO KANJE INKOSI, ngiphulukisiwe, ngizokukholwa ngize ngife." Yileyondlela. Wathi, "Uma ibone ngaphambili lokho engangiyikho, engangikwenzile, impela ingangitshela ukuthi bengizokwenzani."

21 Nomyeni wakhe waya emsebenzini, futhi wayewasha, washo, izitsha, futhi wezwa umuzwa omncane opholile ushaya kuye. Wamangala, "Yini leyo na?"

22 Walamba ngempela, futhi emva kokulamba, wacabanga, "Ngifanele nje ngidle ucezu lwethosi." Wathatha uthosi omncane wase ewudla, ngokwejwayelekile waqala ukuhlanza, kwakuyisilonda sethumbu lenanzi, lalihlanza, kodwa li—alizange lihlanze.

23 Khona-ke abanye babantwana babeshiyile emapuletini abo, niyazi ukuthi umama uyoba kanjani, kusukela kubantwana babo, ukudla kwe-oti okuthile. Futhi lokho kwavele kwamshisa ngenkathi edla lokho kuhla kwe-oti, bese kuthi-ke, izitashi, futhi ngakho, ngenkathi esethathe izipunu ezimbalwa ezigcwele zalokho, akumkhathazanga, ngakho khona-ke udla konke okusele kwesitsha sokudla kwe-oti, akumkhathazanga, ngakho wathosa ubhekeni namaqanda, futhi waba nejubili lokudla, futhi waziphuzela inkomishi enkulu yekhofi, futhi nje waba nesikhathi esimnandi.

24 Futhi emva kwesikhashana, walinda amahora athi awabe mabili futhi yonke into yayikahle, futhi yena nje ezizwa ekahle kakhulu, wayegijima ezungeza lapho ememeza, wagijima wehla ngesitaladi ukuyotshela umakhelwane wakhe. Futhi ngenkathi efika ezansi lapho, kwakulapha kugamenxe elesishiyagalolunye noma eleshumi nqo, umakhelwane wakhe wayemi kwiphansi lendlu edazuluka, futhi wayecabanga ukuthi kukhona ofile phakathi lapho. Ngakho wagijima wangena, futhi bobabili bagaxana ngezingalo zabo. Nomakhelwane wakhe wayephethe ishidi esandleni sakhe.

Wathi, "Wenzani ngeshidi na?"

Wathi, "Ngizama ukuthola leyonto esuke emphinjeni wami esikhashaneni nje esedlule, ngaphambi kokuba ngisukume." Wathi, "Leyondawo esukile emphinjeni wami."

25 Futhi bashayela, ngiqagele kwakungamamayela cishe angamakhulu amathathu ukubamba umhlangano, noma ngaphezulu, uku—ukusho isehlakalo. Lokho ngokunye kwezinkulungwane.

26 Kwakuyini na? Yona impela iNgelosi yeNkosi eyaziyo ukuthi bekuyini, futhi ibikezela okuyoba yikho, Angeke njalo ize izokusiza enkingeni ngomzuzwana, umfundisi wesonto uyakwazi lokho, uDaniyeli wakhuleka, futhi izinsuku ezingamashumi amabili nanye ngaphambi kokuba iNgelosi

ifinyelele kuye, kodwa Yayedlule komakhelwane iqinisa iZwi, futhi babekahle.

27 Manje, kungaleyondlela. Sifanele sikhumbule ukuthi ukuphulukisa kungumsebenzi osuqediwe eKalvari, futhi into kuphela noma ubani angayenza . . .

28 Manje, umfundisi ofundiswe eZwini, angasukuma futhi ashumayele iZwi kini. Manje, uma eshumayela iZwi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Lokho ngo—lokho ngokwasekuqaleni.

29 Kodwa-ke uNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo, njengoba umngane wethu olungileyo uMfowethu Oral Roberts ezwakalisa. UnguNkulunkulu olungileyo. Bese kuthi-ke, nokho uma singathathi iZwi laKhe ngakho, khona-ke ngaphandle kwalokho, uma singathathi iZwi laKhe, Unenye indlela. Uzothumela, Uneziphiwo ebandleni, kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ezibekwe endaweni, umzimba wendawo ngamunye, zifanele zisebenze ngokugcwele kuwo wonke umzimba, onke amabandla. Futhi kulokho yiziphiwo zezilimi nokuhunyushwa kwezilimi.

30 Futhi manje, lokho nje akusikho ukuphindaphinda okuthile, noma ukwenza impinda eyize, kusho into ethize ngqo ukuba ihunyushelwe umuntu othize kuleyo nhlangano yebandla, noma okuthize, ukwenza indlela. Izilimi, ngokuhunyushwa, yisiprofetho, futhi kungukuphumisela kwesiprofetho esinikwa abantu uku—ukubatshela ukuthi benzeni, noma into ethize ukubaqondisa. O, ukuba ibandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo belingahle kuphela lihlelwe ngenqubo! Ngikuthola . . .

31 Khona-ke ngaphandle kwalokho, Unezikhundla ezinhlanu zokukhonzisa. Okokuqala ngabaphostoli noma izithunywa zenkolo, igama elithi *mphostoli* lisho "othunyiwe," *isithunywa senkolo* kusho "othunyiwe." Okwesibili, abaprofethi, abavangeli, abelusi, kanjalonjalo, lezo yiziphiwo ezinikezwe nguNkulunkulu ezibekwe ebandleni, zimiselwe ngaphambili nguNkulunkulu futhi zabekwa ebandleni. Ungeke wazenza umfundisi, u . . . UNkulunkulu uzofanele akubize ukuba ube ngumfundisi. Abaprofethi bamiswa ngaphambili, bangabaprofethi.

32 Manje, kunesiphiwo sesiprofetho ebandleni, lokho kungaba koyedwa, bese kuba olandelayo, olandelayo, olandelayo, kanjalonjalo, wesiprofetho; uPawulu wathi ningaprofetha nonke ngamunye ngamunye.

33 Kodwa kunenqwaba yomehluko phakathi komprofethi nesiprofetho. Isiprofetho sifanele sahlulelwe ngofakazi abathathu, ababili noma abathathu, ngaphambi kokuba sinikezwe noma semukelwe ebandleni, ngokwemiBhalo, kodwa umprofethi, njengomprofethi weTestamente eLidala, babeneZwi leNkosi, ukuhunyushwa kwakukahle kubo. Futhi babaziwa,

ngoba iBhayibheli lathi, "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi, Ngiyakuzazisa kuye, ngikhulume kuye ngemibono, futhi Ngizembule ngamaphupho. Futhi uma okushiwo yilomuntu kufezeka, khona-ke muzweni, ngokuba Nginaye. Uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa, aNginaye, ningamesabi."

34 Manje, niyabo, ngakho-ke lokho kuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyinto ethile uKristu asenzela yona. Manje, sifanele sibe nokukholwa.

35 Manje, ngithola izigaba ezimbili zabantu ekuhambeni kwami, esinye sazo oqavile, esinye yiPentecostal. Manje, abaqavile ngokwendawo eyiyonayona bayazi ukuthi bayini, kodwa abajuli ngokwenele. Bazi ngokwendawo eyiyonayona ukuthi bangamadodana kaNkulunkulu, kodwa abajuli ngokwenele.

36 Njengoba ngicabange ngoMfowethu Billy Graham oyigugu ngenkathi esedolobheni lakithi, ngahlangana naye izikhathi eziningana futhi sasisekudleni kwakhe kwasekuseni kwabefundisi, futhi wathi, "UPawulu wangena emzini futhi washumayela iVangeli, futhi indoda eyodwa yaphenduka, wabuyela emuva emva konyaka," wathi, "wayenabaphendukile abangamashumi amathathu kulowo." Wathi, "Ngiyongena edolobheni futhi ngihlale amaviki ayisithupha, futhi ngibe nezinkulungwane ezingamashumi amabili, ngibuye kwezinye izinyanga eziyisithupha futhi angiwatholi amashumi amabili." Wathi, "Yini indaba na? Yinina bashumayeli abangamavila," wathi, "nihlala nibeke izinyawo zenu phezu kwedeski, esikhundleni sokuphuma futhi nibavakashele."

37 Manje, umvangeli wayenento ethize lapho, kodwa wayengenakho konke. Kwakungubani lowo owathathela uPawulu loyo oyedwa na? UPawulu wamthatha wamjulisa ngokwenele kuKristu waze wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, khona-ke wayevutha ngakho wayezothungela idolobha lonke ngomlilo. Kodwa lapho nje ubacela ukuba bame, bemukele uKristu njengoMsindisi, bese uhlala emuva phansi, abakajuli ngokwenele ukwazi ukuthi benzeni. Ufanele ubahambise ubangenise embhaphathizweni kaMoya.

38 Ngakho-ke ngithola abantu abaqavile, ngokwendawo bayazi ukuthi bayini, kodwa abanakho ukukholwa, khona-ke ngithola abantu bePentecostal onenqwaba yokukholwa, kodwa abangazi ukuthi bangobani. Kufana nomuntu nje, indoda eyodwa inemali ebhange kodwa ayikwazi ukubhala isheke, nenye ingabhala isheke futhi ayinamali ebhange. Uma ungake uhlanganise labo ndawonye, iVangeli liyokhokha kakhulu. Kunjalo. Yisa izimfundiso eziqavile ebandleni lePentecostal, noma ukukholwa kwePentecostal emihlanganweni eqavile.

39 Niyabo, ufanele wazi ngokwendawo eyiyonayona, kuqala, uKristu, lapho omi khona. Uyindlalifa kulokhu, kuyimpahla yakho siqu, kungokwakho, kuyisipho sikaNkulunkulu kuwe. Akekho ongakususa kuwe, kungokwakho. "Enikucela kuBaba eGameni laMi, lokho Ngiyokwenza." Ubani ongaphika noma yini lapho na? "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' ungangabazi enhliziyweni yakho kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyokwenzeka, ungaba nakho noma yini okushilo." Izithembiso ezinje pho! Akunqunyelwe nje ekuphulukiseni, kodwa kunoma yini.

40 Manje, ufanele uthole impokophelo yakho, nenhloso yakho, bese-ke kuba yintando kaNkulunkulu. Uma kuyintando kaNkulunkulu, nenhloso yakho ilungile, nempokophelo yakho ilungile, khona-ke intaba izowa. Kodwa ngaphandle kwalokho, ubungamemeza kakhulu uze ushe izwi futhi ufe, futhi akusoze kwanyakaza. Niyabo? Okwakho . . . Into yokuqala, kufanele kube yintando kaNkulunkulu; into elandelayo, kuyimpokophelo yakho ekuhambeni futhi ukwenze; bese-ke kuba yinhloso onayo. Ufuna ukuba ngumuntu othize omkhulu . . .

41 Kunento eyodwa u—uJesu Kristu ayesilele ngayo ngenkathi Esemhlabeni, lowo kwakungumbukiso, Wayengesuye umbukisi. Wawungeke waMusho ukuthi uyiyembe elihlohliwe, Waqhela, ezithobile. Wagcina imihlangano yaKhe ukuze Akwazi ukuya nomaphi lapho uBaba ayeMholela khona. Nomunye wabafowaKhe wathi, "Uma Ungenza lezizinto, kungani Ungezi kuKayafase na? Ngena phakathi kwabadala abakhulu norabi futhi ukwenze, ukuze wonke umuntu akwazi ukuKubona. Wenzani uzulazula nesigejane sabagingqiki abangcwele noma . . . ?" Manje, bengingakuqondile lokho kanjalo, bengiqonde abadobi, kanjalonjalo. Mina, kulungile, bengicabanga nje ngalokho okwashiwo ngomunye wabafowethu bebandla engisanda kuvela kulo.

42 Awu, yilokho-ke, niyabo, kodwa uKristu wayengesiwo umbukiso, Wathi, "Isikhathi sakho sihlala njalo." Kunjalo.

43 "Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga." Leyo yinto edabukisa kakhulu engiyaziyo emiBhalweni. "Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga."

44 Manje, njengoba sisondela eZwini kulobubusuku, ngifuna nikukhumbule lokho, ukuthi si . . . umuntu o . . . Khumbulani, ukuthi uNkulunkulu akanawo amayembe ahlohliwe. Lapho ufika endaweni ukuthi uzimisele ukungabi yilutho, khona-ke uNkulunkulu angenza okuthile ngawe. Kodwa inqobo nje lapho uzama ukuba mkhulu, nenqwaba yokukhangisa okunezimbali, nayo yonke lento, nokuqhubeka, umbono wami, kukhona okwenzekile. Niyabo?

45 UJesu wahamba enza okuhle, eya kwabampofu nabadingayo, Akazange aZenzele udumo. Senake nacabanga ngalokho na? AkaZenzelanga udumo. Umuntu owenza izinyo lokufakelwa wazenzela udumo, kodwa Lowo owenza izinyo langempela akazange aZenzele udumo. Umuntu owenza ingalo yokufakelwa wazenzela udumo, kodwa uMuntu Owenza ingalo yangempela akaZenzelanga udumo. Indlela eya phezulu iphansi, njalo kukhumbule lokho. Zithobe, yiba mnene futhi ube nomusa, yiba nokudala, vumela uKristu abe kuwe.

46 Wake wababona abantu othanda ukuba ngakubo, uthanda nje ukuba ngakubo na? Ngoba badala isimo sendawo, saseZulwini, futhi uyathanda ukuba ngakubo. Abanye babonakala bengabantu abalungile, kodwa wena nje, ngifanele ngihambe kanye ngankathi, ukuthi. . . Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Futhi nokho babonakala bengabantu abalungile, akusikho ukudala.

47 Futhi umuntu wenziwa ukuba abe ngunkulunkulu, siyakwazi lokho. UGenesisi 1:26, wayenokubusa phezu komhlaba wonke, futhi wenziwa ukuba abe ngunkulunkulu omncane. Futhi manje, lapho emukela uNkulunkulu, uba yindodana kaNkulunkulu futhi. Wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayenezandla, uNkulunkulu wayenezinyawo, futhi ngakho-ke umuntu wenziwa wafana naYe, ngakho ungunkulunkulu omncane. Kodwa isono siphuphuthekise yonke imisipha emzimbeni wakhe, engqondweni yakhe, enhliziyweni yakhe. Kodwa manje, ungazami neze ukukufundisisa, ungeke wakuhlanganisa.

48 Ensimini yase-Edene uSathane wakhetha ingxenye yakhe yomuntu, ikhanda lakhe, ubuhlakani bakhe; uNkulunkulu wathatha inhliziyo yakhe. Izihlakaniphi zizozindla, "Ngani na? Awu, ngi—ngingaa*le*ndlela, futhi ngingaa*leyo*ndlela." Awusoze wafika ndawo noNkulunkulu lapho. Kodwa inhliziyo yakho, ukukholwa kwakho kuzokwenza ukholwe yizinto ingqondo yakho engazi lutho ngazo, ulahla ukuzindla. Niyabo, ufanele uqiniseke, futhi hlala lapho uze uqiniseke, khona-ke lapho uqinisekile, akukho lutho olungakujikisa.

49 Manje, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngaphambi kokuba sisondele ku—kuMqambi waleliZwi, njengoba siLifunda. Futhi ngiyamangala kulobubusuku, namakhanda ethu ekhotheme namehlo ethu evaliwe, ngabe ukhona lapha obengathanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Futhi makwazeke ngesandla sakho esiphakanyisiwe. Ubuyothi, "Nkosi, ngidinga Wena, ngidinga Wena ngempilo yami, ngidinga Wena ngomphefumulo wami." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. "Baba, ngihole, ngidinga uMoya waKho oholayo."

50 Baba wethu waseZulwini, njengoba siza sisondela

futhi eGameni leNkosi uJesu, Washo ukuthi siyocela ngokuchichimayo ukuthi izinjabulo zethu ziyogcwala. Manje, siza ukuzocela isihawu, kuqala, ngezono zethu uqobo, izinto esizicabangile futhi sazenza ebiphambene nokuhola kwaKho, sikhulekela ukuthi Usithethelele.

51 Futhi njengoba simi lapha kulendawo engcwele, lapho uMoya oNgcwele ekhona, futhi, o, bengihlale ngizibuza kanjani ukuthi bengiyozizwa kanjani uma bengingabamba engilazini nje amaconsi amabili eGazi laKhe langempela. Bengiyolidonsela kanjani esifubeni sami futhi ngikhale izinyembezi, ngoba ngiyazi ukuthi kwakuyileloGazi elangisindisa! Kodwa, kulobubusuku, Wena ungiphe okukhulu kunalokho, khona impela ukuthengwa kweGazi laKhe ukuba ngikhulume kulo. "Ngokuba Walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kodwa abe nokuPhila okuPhakade." Manje, Wacabanga kakhulu ngabantu baKhe kunoma Enza ngeGazi laKhe uQobo, ngakho Wanikela ngeGazi laKhe ukuthenga lelibandla. Futhi lapha ngimi kulobubusuku ukufundisa izindlela zokuPhila kulelibandla.

52 O, Baba onomusa, akekho ofanelekile ukwenza lokho. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Usithethelele. Futhi uma Ubufuna othile ofanelekile, Ubungabatholaphi na? Asinakho, sonke singcolile, Baba. Kodwa yiba nomusa kithi ngenxa yesithembiso saKho Owathi Uyosenza, Wena wathi, "NgingumVini, nina ningamagatsha," futhi uma sihlala kuWe, ukuthi singacela esikuthandayo, futhi sizophiwa khona. Wena wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza, nemikhulu kunale, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi." Manje, ukuze iZwi laKho ligcwaliswe kulobubusuku, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzobonakalisa uBukhona baKho phakathi kwethu ngendlela engavamile.

53 Ngikhulekela labo abaphakamise izandla zabo, Baba, Nkulunkulu, yiba nomusa. Futhi nginikela umkhuleko futhi ngencane, impumputhe, intombazane encane emi ehholo kulobubusuku, ibifuna ukubuyela kubantu bakubo, ukuba ibe yisithunywa senkolo. O Nkulunkulu, kwangathi lowomntwana angamukela ukubona kwakhe.

54 Ngikhulekela lowomfowethu oyigugu lapho esibhedlela, ungoweFirst Assembly of God lapha edolobheni, uyafa. O Nkulunkulu, bamba isandla sokufa njengoba lelibandla, lomzimba, limemeza umusa. Yizwa omkhulu, uNkulunkulu noBaba ophendula umkhuleko.

55 Besingacela ngamunye wethu lapha, sicele umfowethu omncane ongumelusi, nangalaba abanye abefundisi, abavangeli, ne—nezinceku zaKho esemsamo, baphefumulele, Nkosi, futhi

unike inkonzo yabo ukugcwalisa okukhulu kukaMoya oNgcwele waKho.

56 Kwangathi lendlu encane lapha esikuyo kulobubusuku ingavulwa kuze kufike uJesu. Uma Elibala, kwangathi izithunywa zenkolo nabefundisi bangathunyelwa besuka lapha baye ezweni lonke. Kwangathi ngempela kungaba yindlu eceleni komgwaqo lapho okhandlekile engangena khona futhi athole ukuphumula.

57 Sindisa abalahlekile, phulukisa abagulayo, ngcwelisa amakholwa, futhi siphe ukukholwa kulobubusuku, Baba. O Nkulunkulu, yilokho esikudingayo, ukukholwa eZwini laKho. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

58 KuJohane oNgcwele 12:20:

> *Kwakukhona amaGreki athile kulabo abakhuphukele* emkhosini ukukhuleka*:*
>
> *Laba-ke baya. . .kuFiliphu, waseBethsayida laseGalile, bacela kuye, bathi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

59 Futhi indikimba yami itholakala, amaHeberu 13:8:

> *UJesu Kristu nguyena izolo,. . .namuhla, naphakade.*

Manje, hhayi nje ukunibamba, kodwa ukuthola ukunaka kwenu imizuzwana embalwa ukwakha ukukholwa nxazonke ukuze ngamunye wenu aphulukiswe.

60 Futhi njengoba ngibuka ebandleni kulobubusuku, ngibona indoda lapha ikhwehlela, isithandwa silele lapho, ingane eyigugu kamama othize enekhanda elinamanzi elikhulu, ifa, owesifazane omdala othandekayo ehlezi esihlalweni esinamasondo, kanjalonjalo. O, uma bekukhona indlela ethize, into ethize ebengingayenza! Niyabo?

61 Futhi mhlawumbe laba abasesihlalweni esinamasondo, kanjalonjalo, bebengaphila impilo ejwayelekile, futhi mhlawumbe olungile, owesilisa obukeka ephilile noma owesifazane ehlezi laphaya, umuntu omusha, uzobe esefile kusasa ngokuhlaselwa yinhliziyo. Niyabo? Laba bangahle baphile isikhathi eside isikhathi eside, asazi. Niyazibona izinduku zokuqhugela ezimhlophe zabantu, behamba bephuphuthekile, o, uma bekukhona nje into ethile engingayenza ukunisiza! Uma ngingacabanganga ukuthi benginganisiza, bengingasoze ngadlula lapha. Uma ngingacabanganga ukuthi bengingasiza abantu. . .

62 Akusikho okwemali, lokho angikuthathi. Futhi ngi— ngineminyaka engamashumi amahlanu nanye ubudala, kade ngishumayela iminyaka engamashumi amathathu nanye futhi angikaze ngithathe umnikelo yonke impilo yami. Ngakho, a—angi. . .Siqhelisa imali kukho. Sigcina imihlangano yethu imincane ukuze singadingi ukuba nezinhlelo ezinkulu nezinto

ukuba sizisebenze ukuze sikwazi ukuya ebandleni elincane kunawo onke, kumbe nomaphi lapho iNkosi eholela khona, yilapho esiya khona.

63 Manje, angibagxeki abazalwane onalezozinhlelo ezinkulu, nokusakazwa kuthelevishini, kanjalonjalo, lokho kulungile. Ngiyambonga uNkulunkulu ukuthi kukhona amadoda ezweni Angawethemba ngemali kanjalo, angakumela. Kodwa mina, a—angikwazanga nje ukukwenza, bengiyodingeka ngithathe imali, futhi a—angikaze ngikwenze namanje, futhi ngiyakhuleka uNkulunkulu uzongisiza ukuthi angisoze ngadingeka.

64 Ngakho ngilapha ukuba nginisize. Futhi uma ngingacabanganga ukuthi benginganisiza, impela bengingeke ngibe lapha, bengiyoba sekhaya kulobubusuku nomkami, nomfana omncane, namantombazanyana amabili. Bengiyobe ngihlezi phezulu lapho ngasemlilweni ndawondawo kulobubusuku empumalanga, ngijabula kanye nabo. Kodwa ngicishe impela ngibe yisihambi kubo, ngiyababona nje manje bese-ke, ngihamba umhlaba wonke.

65 Kodwa, kwakukhona umbuzo owabuzwa lapha emBhalweni. Futhi kulokhu ukusa ngiyekile ukukhuluma ngegama elithi *Ukulindela*, ukuba ulindele. Manje, ngithemba ukuthi nikuthathe nakuyise ekhaya, futhi nahlolisisa emiBhalweni ukuthola ukuthi yini okufanele niyilindele. IZwi likaNkulunkulu liyasitshela ukuthi yini esingayilindela.

66 Futhi uma semukela leliZwi ngaphandle kokungabaza lixutshwe kulo, sizokwemukela esikuzele. Kodwa uma uhamba uthi, "Awu manje, njengoba bekulindelekile nje, a—angizange..." Awu, ngeke ubone lutho. Kodwa uma uza ulindele ukubona iNkosi uJesu Izibonakalisa phakathi kwabantu, uzohamba wenelisekile. Impela uzokwenza. Uzokwazi ukuthi kukhona okwenzekile.

67 Kodwa uma uthi, "Awu, ngi...njengoba nje bengilindele, omunye nje, o, umvangeli esukuma ekhuluma," na—nalokho, khona-ke yilokho kuphela ozokuthola. Ngokwejwayelekile uthola lokho okufunayo.

68 Ngakho vula inhliziyo yakho kulobubusuku, bese wehlisa isambulela, futhi nje, o, kwemukele nje, uNkulunkulu enhliziyweni yakho. Futhi nihambe, nibuyele emabandleni enu noma ngabe nivelaphi futhi nitshele umelusi wenu ukuthi ngempela iNkosi uJesu inguMphulukisi omkhulu, ukuthi nguYe Osindisa futhi ogcwalisa ikholwa ngoMoya waKhe, futhi umenza isidalwa esisha kuKristu. Umelusi uthi, "Ukwazi kanjani lokho na?"

Uthi, "Nginolwazi lokuzibonela, ngiyazi."

69 Umfowethu esikhathini esingeside esedlule ongavumelani phezu kukaKristu enguMphulukisi, uMenza omunye uNkulunkulu womlando, wathi, "O, angikholwa! Noma

yini ibingenzeka," wathi, "Ngisalokhu ngingakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu."

70 Ngathi, "Impela qha, kwakungesikho okwakho. Kwakungesikho okwabangakholwayo, kwakungokwalabo abakholwayo, kuhloselwe amakholwa nje." Lokho, Aka—Akathenganga ukuphulukiswa kwethu—kwethu enzela abangakholwayo, Wathengela labo abakholwayo. Isithembiso asikho kwabangakholwayo, kodwa kulabo abakholwayo.

71 Ngakho lamaGreki enyukela emkhosini. Manje, amaGreki kwakungabantu abafundile, futhi benyukela kuloMkhosi wePhentekoste uku—ukuzokhonza, futhi kwathi besesethempelini babezwile ngeNkosi uJesu. Futhi *ngandlela thize enye*, angikholwa ukuthi ukhona umuntu ongake ezwe leloGama elithandekayo libizwa oyoke, kodwa ongafisa ukuMbona. Lapho uzwa ngoJesu, kukhona okuthize ngaleloGama leNkosi uJesu o—okuphefumulelayo, futhi awusoze wezwa okufanayo. YiGama elingaphezu kwamagama onke.

72 Wehla evela eZulwini, nezwe liMnika igama eliphansi kunawo onke elalikhona emhlabeni, uBelzabule, umbhuli, udeveli. Futhi Waya emzini ophansi kunayo yonke okhona emhlabeni, iJeriko, futhi wayephansi kakhulu kwaze kwathi indoda encane kunawo onke emzini yadingeka iMbuke phansi ukuba iMbone, uZakewu. Kodwa ngenkathi Ekhokha inani lokuhlengwa, uNkulunkulu waMnika iGama elingaphezu kwamagama onke. Ngisho wonke umndeni eZulwini nasemhlabeni wethiwe ngoJesu. Futhi Waphakamisa isiHlalo saKhe sobukhosi phezulu kakhulu, waze Wadingeka abuke phansi ukuba abone iZulu. Yilowo umehluko, indlela izwe eliMphathe ngayo, nendlela uBaba aMphatha ngayo ngenkathi Enyuka.

73 Manje, ngakho lamaGreki ayenosikisiki, futhi ayezwile ngaYe, ezwa ngemisebenzi yaKhe emikhulu. Ngakho ngokuthi, mhlasimbe, usikisiki, noma mhlawumbe ngezinzuzo eziqotho, bafika base bethi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

74 Futhi ngiyakholwa uma bengingahumusha umqondo walelibandla kulobubusuku, lababantu, leso yisifiso senhliziyo yethu. Bangaki lapha abangathanda ukubona uJesu na? Impela. Awu khona-ke, ngizonibuza umbuzo: Ngabe ba—ngabe bakwazi ukuMbona na? Yebo, mnumzane. UFiliphu wabayisa ukuba baMbone, wabayisa komunye wabazalwane, futhi babayisile ukuba babone uJesu.

75 Ngakho uma bebuzile, futhi bafisa ukubona uJesu, banikwa inhlanhla yokuMbona ngenye yezinceku zaKhe. Manje, futhi uma amaHeberu 13:8 engumBhalo ophefumulelwe ngokuyikho, owathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade,"

khona-ke uma lokho kuyisifiso sethu, pho kungani singeMbone na?

76 Manje, nifanele nikhumbule leliZwi kuphakathi kokuthi liyiQiniso noma Alisilo iqiniso. Akukho-kuphikisana kuLo. Futhi ngiye nganikela kunoma ubani, ngithola ikhulu lamadola ngeviki, futhi ngi—nginikeza noma ubani iholo lonyaka ongangikhombisa ukuphikisana eZwini ukuthi aLiziqondisi ngalo, akukho lapho.

77 "Kufihliwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi kwembulwa ezinganeni zona eziyofunda." UJesu wambonga uBaba ngokwenza lokho. IZwi alixovekile, ngabantu abaxovekile, akusilo iZwi. Ngakho uMoya oNgcwele waloba iZwi, kuthatha uMoya oNgcwele ukuhumusha iZwi, futhi konke kuzosebenza kahle impela nje.

78 Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, noNkulunkulu angithethelele ngokuthi *uma*, ngoba kuzwakala kungukuthuka okungcwele, Unguye izolo, namuhla, naphakade, kulungile-ke, uma ufisa ukuMbona, pho kungani ungaMboni na? Siyizinceku zaKhe, ngakho kungani ungaMboni na? Ungathanda ukukwenza na? Uthanda ukuMbona na? Kulungile.

79 Ngikholwa ukuthi Wenza lesisithembiso ukuthi "Lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, lapho Ngiyoba phakathi kwabo." Manje, ngabe yiqiniso lelo na? Manje, uma lokho kungesilo iqiniso, khona-ke iBhayibheli alisilo iqiniso, nensindiso yakho ayisilo iqiniso, futhi silahlekile futhi silusizi, kubo bonke abantu, singabalusizi kunabo bonke, ngoba sine—into mbumbulu esiyicabanga ngoKristu ozayo, neZulu ukuya kulo, futhi akukho okunjalo.

80 Awu, uma leliZwi linephutha, khona-ke leloZwi linguYe, futhi khona-ke konke kuyiphutha, kodwa uma Liqinisile, khona-ke lonke iZwi laLo liqinisile. Akusikho okunye okwesikhathi esisodwa, okunye kwesinye, Kuyafana ngaso sonke isikhathi, lapho Angathola khona amakholwa.

81 Manje, uma uJesu ezongena kulezizethameli kulobubusuku, ebonakala . . . Manje, Ubengenakufika esemzimbeni wenyama, ngoba lowo uhlezi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, kodwa Angangena lapha ngoMoya oNgcwele, futhi akukhombise Yena uqobo elapha, esebenza ebandleni laKhe. Uyakukholwa lokho na? Ufanele abe yi, yonke into ibe semgomweni ofanayo, Ufanele abe nothando olufanayo, uzwelo olufanayo, imisebenzi efanayo, ukubonakaliswa okufanayo, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade.

82 Manje, khumbulani, uJesu, ngenkathi imisebenzi yayenziwa, uJesu akaphulukisanga muntu, Wathi, "Angikwazi ukuphulukisa muntu." Wathi, "AkusiMi owenza imisebenzi, nguBaba waMi, futhi Uhlala kiMi." Kunjalo na? "Uhlala kiMi. Kuseyisikhashana," ngenkathi Esehambile, Wathi, "nezwe

ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi," *Ngi* yisabizwana somuntu, "Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokuphelelisw a," izwe lize lifike ekupheleni, *Ngi*. "Nemisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza. Uma nihlala kiMi nemisebenzi yaMi kini, celani enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona." O, lezo zithembiso ezinkulu, ziwuxhuxhumisa kanjani umphefumulo wami!

83 Ngosuku lapho imicibisholo ye-athomu, amaRashiya aneziputniki emoyeni, nazo zonke lezi, ngani, akukho kuphumula ndawo, kuphela kuKristu. Akukho neyodwa into, isizwe sakithi, singeke sakhe amathemba ethu phezu kwaso, ngoba noma yisiphi isizwe esincane singaphonsa ibhomu ngapha futhi lisiqhumise sisuke emhlabeni. Impi isizophela, udinga nje umuntu oyedwa ukuba adonse isigwadlulo, konke kuzoba yizicucu.

Futhi siyabona ukuthi ungeke wakhe amathemba akho kwenye into ngaphandle kweNto eyodwa, futhi ngicaphuna u-Eddie Perronet lapha ngenkathi ethi:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> Makuthi izingelosi ziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi uYithwese umqhele iNkosi yakho konke.
>
> Ngokuba kuKristu, iDwala eliqinile, ngimi;
> Wonke omunye umhlabathi yisihlabathi esibishayo,
> Wonke omunye umhlabathi yisihlabathi esibishayo.

84 Ithemba lethu kuphela...Bazama ukwakha umgodi phansi emhlabathini, bahuquzele bangene kuwo. Banebhomu elizoqhumisa i—imbobo emhlabathini amafidi angamakhulu amahlanu ukujula, futhi cishe isikwele esingamamayela ayikhulu. Awu, uma ubungamafidi ayizinkulungwane eziyishumi ngaphansi komhlaba, bekuyokwephula onke amathambo emzimbeni wakho, ukuxukuzeka kwawo.

85 Kodwa kukhona umpheme, o, awenziwanga ngensimbi, kodwa wenziwe ngezimpaphe, ngaphansi kwamaphiko aKhe. O, ngiyawuthanda lowompheme, kamnandi, ngihlale ngokuthula, ngazi lokhu, ukuthi nje masinyane nje...ngaphambi kokuba ngisho leyobhomu ithole impempe ukuba iqale, emaphikweni aKhe Uzosithwala asiphakamise. O, yilokho engikubhekile, loloHlwitho olukhulu, nokusondela kweNkosi yethu uJesu. Futhi ukukubona kusondela kakhulu, izinhliziyo zethu ziyagxuma nje yinjabulo, ukwazi lokho, kuyinjabulo.

86 Omunye wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "wesabisa abantu ngokubatshela ukuthi iNkosi uJesu iyeza, ukuphela kwezwe."

Ngathi, "O, he, hhayi amaKristu, o, impela qha."

87 UPawulu wathi, "Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiliqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa, futhi emva kwalokhu ngibekelwe umqhele wokulunga ukuthi iNkosi, uMahluleli olungileyo, uzonginika ngalolosuku, futhi kungabi yimi kuphela, kodwa bonke labo abathanda ukubonakala kwaKhe."

88 O, yini—yini into enkulu ebingenzeka kunokufika kukaJesu khona manje na? Impela. Izivivinyo zethu zizophela. Silokhu sibambelele nje aze Afike lapha, esebenza, elondoloza isikhathi, futhi enza yonke imizuzu iMbalele. Noma ngabe sikuphi, khuluma izwi elincane ngaYe.

89 Manje, uma Ekade engokoqobo kakhulu kithi, futhi siwubonile umusa waKhe futhi sabona lokho Ayeyikho, manje, futhi singaphansi kokulindela kulobubusuku ukuMbona, pho kungani singenakuMbona na? Ngizokutshela, Ukhona yonke indawo uma nje uqalaza, inkathazo yakho ngukuthi abantu abaqalazi ngokwenele ukuba baMthole.

90 Sihlala eMfuleni i-Ohio, futhi, o, yindawo enhle yokudoba. Kwakukhona umfanyana edolobheni lakithi owayevame ukudlala ezansi emfuleni nomdobi omdala. Futhi wabuza unina ngolunye usuku, babesonta ebandleni elikhulu edolobheni elikhulu, wathi, "Mama, uNkulunkulu unguMuntu omkhulu kangaka, ukhona ongaMbona na?"

Wathi, "Ngeke ngakuphendula lokho, Ndodana." Wathi, "Buza uthisha wakho kaSonto sikole."

Futhi wabuza uthisha kaSonto sikole, futhi wathi, "Angazi. Buza umelusi."

Ngakho wabuza umelusi, nomelusi wathi, "Qhabo, ndodana, akekho umuntu ongabona uNkulunkulu aphile." Wathi, "Ungeke nje waMbona."

91 Akumenelisanga umfana omncane. Futhi wehlela emfuleni, nalomdobi omdala, kwakuyidikoni ebandleni lami, ngakho wa—wayephezulu emfuleni ngolunye usuku eSix Mile Island, edoba. Futhi emgwaqeni ezansi, bebuya ezansi nomfula, nakho kukhuphuka isiphepho, futhi badingeka basilondoloze isikebhe sabo esincane okwemizuzwana embalwa, isiphepho savunguza saphela.

92 Futhi e-Indiana nasemazweni angasempumalanga, lapho amahlathi aqinile, leyomvula ina futhi igeze onke amaqabunga, nalowomoya omncane uyavunguza, lapho nje umgwedli engasho kuphela, isihloko sezigwedlo lapho sishaya kancane lawomagagasi, umculo okuwenzayo emanzini. O, akumangalisi uMoya kaNkulunkulu wahamba phezu kwamanzi kuqala. Ukubona ukuthi kanjani ukuthi khona . . .

93 Ehla, lomdobi omdala, omkhulu omdala, umfowethu ogcwaliswe ngoMoya, edonsa izigwedlo zakhe *kanje*, futhi elalele izigwedlo zakhe zishaya kancane emanzini. Futhi

wayebuka emuva, eqonde, wayeya entshonalanga futhi ebuka empumalanga, futhi kwakukhona uthingo lwenkosazana olwavela. Indoda endala, owayephilisana nayo wayesahamba, iminyaka, futhi wayebhekisisa lolothingo lwenkosazana, futhi phezu kwentshebe yakhe eyisiliva nakho kwehla izinyembezi ezincane zigeleza entshebeni yakhe.

94 Umfanyana wayehlezi kwingemuva lesikebhe, waba nomdlandla kakhulu wagijimela maphakathi nesikebhe, futhi wathi, wawa phansi ezithweni zakhe, wayesethi, "Mnumzane, ngizokubuza umbuzo umama wami, uthisha kaSonto sikole, noma kanjalo nomelusi angangenelisa." Wathi, "Ukhona ongabona uNkulunkulu na?"

95 Futhi kunqoba umdobi omdala, wadonsa izigwedlo esikebheni, wasingatha umfana omncane ezingalweni zakhe, futhi waphulula izinwele zakhe ezincane, wayesethi, "UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane, ndodana, konke engikubonile eminyakeni engamashumi amahlanu edlule bekunguNkulunkulu." Kakhulu ngaphakathi, wayekwazi ukuMbona ngaphandle, abone uthingo lwenkosazana, noma ngabe kukuphi. Kuyilokho-ke.

96 Uma uMbuka ngeso lokubuka lobuhlakani, awusoze waMazi, ufanele ubuke ngaYe, Mvumele angene kuwe futhi aZikhombise, owaKhe, lokho Ayikho. Singambona uNkulunkulu uma nje sizoqalaza. Futhi ngiyesaba abanye bethu bangahle babuke sekuleyithi kakhulu.

97 Kwakukhona inenekazi esitolo sezinto zikasheleni eLouisville, ngaphesheya komfula ukusuka kithi, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, wayenomfanyana, wayengumfanyanyana, cishe iminyaka emithathu ubudala. Futhi abantu baqaphela ukuthi wayehambahamba, acoshe izinto, futhi azame ukumkhombisa, kumakhawunta esitolo sezinto zikasheleni. Futhi wavele wagqolozela, umfanyana.

98 Ngakho ufika kwenye ikhawunta, wayeseqale ukuhayiza, futhi wacosha enye into, njengomfana omncane walowonyaka abefanele akuqaphele, futhi washaya insimbi encane enqwabeni encane, yathi, "Buka, S'thandwa! Buka, S'thandwa!" Nomfanyana wahlala nje egqolozele. Wayekhathele, futhi wavele wawela phezu kwekhawunta, ememeza, "O, qhabo, qhabo, akunjalo!"

99 Futhi ababebukela baphuthuma baya enenekazini ukubona ukuthi kwakwenzekeni. Wathi, "Umfanyana wami, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, waqala nje ukugqolozela emkhathini, akukho lutho obelufanele lumhehe oluheha ukunaka kwakhe." Futhi wathi, "Ngimyise kudokotela, nodokotela uthe usengcono, kodwa," wathi, "akangcono." Wathi, "Uvele ahlale nje futhi agqolozele, angeke abuke izinto abefanele azibuke ngokomfana omncane onguntanga yakhe."

100 Futhi lokho kuyiqiniso kanjani ngebandla namhlanje! Sibe namadoda amakhulu anqamula lelizwe njengo-Oral Roberts, neziphiwo ezinkulu zingene ebandleni, futhi bona, ibandla livele lihlale nje futhi ligqolozela. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ushaye isizwe, namabandla amaningi agcwaliswe ngoMoya, nezimvuselelo ezinkulu zenzekile, nezwe nje livele lihlale ligqolozele emkhathini. Lapho uNkulunkulu enza noma yini, Ulindela abantu ukuba bakubuke futhi baMkholwe. Izimangaliso, nezibonakaliso, nezimanga uNkulunkulu azenzayo kuyinto encane abayinyakazisayo phambi kwebandla ukuvusa ibandla ukuthi Uyeza masinyane.

101 Indodana yami nami, maduzane nje besivakashele eNdiya, futhi ngafunda isiqephu ephepheni esalithola ebhanoyini, futhi sasithi, "Ngiqagele ukuzamazama komhlaba sekuphelile." Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kufike . . .

102 ENdiya bavele nje bacoshe amadwala futhi benze uthango, nezindonga, nokunye nokunye. Abanawo uwaya olukiweyo nezinto esinazo lapha, bangabantu abampofu kakhulu. Izigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa lapho, futhi cishe, kwakubukeka kimi, izigidi ezingamakhulu amane zalezozinxibi, nokubonakala okudabukisa kakhulu.

103 Abanye babazalwane abangabefundisi, uma uke wakubona lokho kubukeka u—ungeke neze usazizwa wenelisekile lapha. Kukhona okuthize, lezozinkulungwane zidazuluka futhi zikhala ukuzwa indaba kaJesu, futhi lapha ufanele ucishe impela uncenge abantu ukuba beze esontweni. Kodwa ba—balambele uNkulunkulu lapho.

104 Futhi iphepha laqhubeka lifundeka ukuthi zonke izinyoni ezincane ezenza izidleke zazo phezulu emifantwini yamadwala, nezinto, zandiza zaphumela emasimini, zahlala ezihlahleni. Futhi zonke izimvu nezinkomo ezazimi zizungeze izindonga ezinkulu zaphumela endle, futhi zancikana cishe usuku. Futhi khona manjalo nakho kufika ukuzamazama komhlaba futhi kwanyakazisa izindonga zawa. Kwase kuthi-ke usuku izinyoni ezincane zahlala kude, nezinkomo zahlala endle. Ekugcineni, ziqala ukubuya zizungeza umthunzi futhi, kuleyongxenye yezindonga eyayisele.

105 Kwakuyini na? UNkulunkulu ofanayo owayengazibizela emkhunjini wayengazibiza zisuke kulezozindonga. Zaziyolahlekelwa yizimpilo zazo ukuba zazihlale ngalapho.

106 Futhi impela uma uMoya oNgcwele usengaba nokuphefumulela, futhi ngokuzibonela ngokwemvelo uqondisa isilwane sisuke engozini, nenyoni, Ubefanele enze kakhulu kangakanani kubantwana baKhe, abazelwe nguMoya kaNkulunkulu, ukuba basuke ezintweni ezingesikho ukumesaba uNkulunkulu na? Dedani kukho, phumani, nincike komunye

nomunye. O, ngiyayithanda leyondaba endala, iculo, "Sencike engalweni yaphakade." Ngiyakuthanda lokho. Methembe nje, ubulula bokwethemba, vele wencikise amahlombe akho kwawaKhe, futhi niMdumise ngakho konke ukudumisa ongakuthulula, futhi nihambe naYe nsuku zonke. Manje, nizoMbona.

107 Manje, indlela kuphela engi . . . Mhlasimbe, kulobubusuku sinamaMethodisti, amaBaptisti, na—nalokhu kusondele kakhulu ukungena eMexico mhlasimpe sinamaKatolika amaningi aseMexico, kanjalonjalo, konke kuxutshwe ndawonye. Manje, yileyondlela okufanele kube ngayo. UNkulunkulu uthanda bonke abantwana baKhe. Baxutshwe kuzo zonke izinhlangano, bethanda uNkulunkulu, bethemba uKristu ngensindiso yabo.

Khona-ke uma bengingathi kwiKatolika, "Ungathanda ukubona uJesu na?"

Awu, beliyothi, "Ibandla lethu liMmele."

Bengiyothi kumaBaptisti, "Ningathanda ukubona uJesu na?"

"A, ibandla lethu yilona eliMbonisayo."

AmaMethodisti, nePentecostal, nabehlukene bonke bebeyoba nomqondo ohlukile wakho.

108 Futhi ngiyacabanga, kulobubusuku, ukukwehlisela e—entweni elula, leyo indlela edlula zonke ukuthola ukuthi Uyini, ngukubuyela emuva futhi uthole ukuthi Wayeyini, ukuthi Ubeyini izolo, futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, lokho Ayeyikho, Ufanele abe yinto efanayo namhlanje. Ngabe lokho kuyokwenela kuwo onke amabandla na? Khona-ke unga—ungakwenelisa lokho kuwe uqobo, noma ngabe ibandla lakho likufundisa ngalendlela noma qha. Thola ukuthi Wayeyini, futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, lokho Ayeyikho, Ufanele abe ngofanayo namuhla.

109 Manje, asibuyele emuva. Ngifunda kuJohane oNgcwele, isahluko 1 sikaJohane oNgcwele, futhi sizobuyela emuva futhi sibone ukuthi Wayeyini. Manje, ungakuthatha futhi usondele kukho noma yikuphi emiBhalweni. Singababamba umhlangano wamaviki amabili, futhi, kulokho nje Ayeyikho, o, amaviki amabili, amakhulu amabili eminyaka, futhi singakutholi neze lokho Ayeyikho. Kodwa nje ukuthola a—amazwibela ambalwa alokho Ayeyikho, khona-ke uma Ezoba ngofanayo namhlanje, khona lapha, njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, lokho kuMenza afane. Lokho bekufanele kuxazulule umbuzo. Uyakukholwa na? Lokho kuhle.

110 Manje, sithola ukuthi Wazalwa ngokuzalwa yintombi; besinakho lokho kulokhu ukusa. Futhi manje-ke siyathola, masinya emva kokuba uMoya oNgcwele ufike phezu

kwaKhe, Waholelwa ehlane, futhi walingwa ngudeveli izinsuku ezingamashumi amane, futhi waphuma eshumayela iVangeli. Manje, sithola okokuqala kwenkonzo yaKhe Waqala ukukhulekela abagulayo, abantu abagulayo bephulukiswa.

111 Futhi siyaqaphela ukuthi inhlangano yaKhe yebandla ivela ku—kubantu abampofu, a—abalahlwa, labo cishe abalahliwe, babengenamfundo eningi, njengendoda ayinika izihluthulelo zoMbuso, uPetru, wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo. IBhayibheli lathi wayengazi futhi engafundile, kodwa ngokukholwa kwakhe kwamthokozisa uJesu ukumnika izihluthulelo zoMbuso, ngoba wayenesambulo saKhe.

"Abantu bathi Mina, iNdodana yomuntu, ngingubani na?"

"Omunye wathi, 'Wena ungu-Eliya,' nomunye wathi, 'Wena ungumprofethi,' futhi 'Ungu *S'bani-bani*.'"

Wathi, "Kodwa nina nithi ngubani na?"

Wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

112 Manje, iKatolika lithi Wakha iBandla laKhe phezu kukaPetru. Uma Akwenza, wahlubuka khona lapho. Manje-ke, uma . . . AmaProtestane athi Walakhela phezu kwaKhe uqobo. Ngiyehluka kulokho, Lalingekho phezu kwaKhe, naphezu kukaPetru, kodwa phezu kwesambulo.

113 "Ngithi kuwe, wena unguSimoni, wena unguPetru. Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulile. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angelehlule." Niyabo, yi—yisambulo sikaKristu. Uma EngaZembula, kulobubusuku, kuwe ukuthi Ukhona, khona-ke wena ukuleloBandla ngesambulo.

114 Qaphelani, sithatha inkonzo yaKhe yasekuqaleni, eyokuqala esifuna ukuqala ngayo lapha kwakungu-Andreya, umdobi. WaMthola, futhi mhlampe wabuyela emuva wayesetshela umfowabo, uSimoni, "Woza ubone esiMfumene. Simfumene uMesiya."

115 Manje, babebheke uMesiya. Babecabanga ukuthi uJohane wayenguMesiya, abantu abaningi babekholwa ukuthi wayenguye. Kodwa qaphelani manje, sizothola ukuthi Wayeyini.

116 Futhi ngenkathi . . . Sengathi ngiyambona uPetru ethi, "Manje, umzuzu nje!" Kusobala, igama lakhe lalinguSimoni ngaleyonkathi. Wathi, "Manje, Andreya, mhlawumpe uchezukele ekugcineni okujulile ndawondawo, ohlotsheni oluthize lokutetema kwengane. Ngiyokwazi lapho uMesiya efika. Ubaba wami omdala wangitshela, wathi, 'Ndodana,' ngolunye usuku ngenkathi sihlezi phansi ngasechibini emva kokudoba, sengiyazibona izinwele zakhe ezimpunga njengoba ethe, 'Simoni, mfana wami, uyihlo ubelokhu elangazelela

ukubona usuku lapho uMesiya eyovuka khona, kodwa sengiyaguga manje futhi mina, mhlampe, ngeke ngikubone.

117 "'Kodwa Simoni, ungakukhohlwa lokhu, ukuthi nxa Efika, kuyoba nezinto ezininingi ezenzekayo. Ufanele, khumbula uSimoni, yiba ngokomBhalo, iBhayibheli liyasho, ukufunda kwethu kuyasitshela, uMose, umprofethi, wathi, nxa uMesiya efika Uyoba ngumProfethi, ngokuba kulotshiwe eNcwadini yoMthetho, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami."'" Ngabe lowo ngumBhalo na?

118 "'Futhi khumbulani, Akazukuba ngu, umuntu nje oyifeshini, kodwa Uzoba ngu—nguMuntu olula, umProfethi, umProfethi omkhulu, uNkulunkulu-mProfethi, lapho Efika. Futhi nifundiswe kahle kulokho.'"

Ngakho ngenkathi u-Andreya efika futhi wamtshela, "Woza, ubone uJesu waseNazaretha, UyilowomProfethi":

119 Sengathi ngiyambona uSimoni ethi, "Manje, umzuzu nje, angazi ukuthi kwenzekeni kuwe, kodwa, impela, awukukhohlwanga ukufundisa komBhalo, kodwa nje ngenxa yezikhathi zakudala ngizohamba nani."

120 Ngenkathi ehamba enyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, uJesu wambuka ebusweni wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase," uPetru wakuqonda ngokukhulu ukushesha ukuthi lowo kufanele kube nguYe, hhayi kuphela ukuthi Wayazi ukuthi wayengubani, kodwa Wayazi ukuthi uyise wayengubani.

121 Kwakukhona oyedwa owayemi lapho ogama linguFiliphu, lo esifunda ngaye kulobubusuku, kwayixhuxhumisa inhliziyo yakhe ngangokuthi, wayefanele ahambe ayotshela umngane wakhe ngakho. Kukhona okuthize ngokwazi uJesu Kristu, lapho uke wamthola ngempela uKristu wangempela, awukwazi ukuhlala uthule, ufanele ukusho ndawondawo.

122 Ngakho sibona uFiliphu ehamba ezungeza igquma. Uma wake waba sePalastine, ubone lapho uJesu ayeshumayela khona, ngalapho kwakuhlala khona umngane wakhe uNathanayeli, cishe kungamamayela ayishumi nanhlanu. Akungabazeki wagijima ezungeza leyontaba. Ake sikwenze umdlalo wasesiteji umzuzwana. Sengiyambona engqongqotha emnyango. Kukhona abantwana abancane abagulayo lapha, ngifuna bakuthole, okwabo okulula, ukukholwa okuncane. Wangqongqotha emnyango, futhi mhlasimbe uNkk. Nathanayeli weza emnyango, wathi, wayengenaso isikhathi sokuba nohlobo oluningi lokubingelela, wathi, "Uphi uNathanayeli na?"

Wathi, "O, ungemuva engadini yezithelo, emuva lapho, ekhuleka, emuva engadini yezithelo."

123 Futhi washo waya ngemuva engadini yezithelo. Futhi niyazi ukuthi wamtholaphi na? Ngaphansi kwesihlahla, ekhuleka.

Ngiyakholwa, uFiliphu eyindoda engumKristu, akazange amphazamise ngenkathi esakhuleka.

124 Emva kokuba eseqedile umkhuleko wakhe wayesethi, "Amen," wasukuma futhi wathuntutha uthuli ezingutsheni zakhe, futhi khona-ke nje waqalaza futhi wabona umngane wakhe uFiliphu, wathi, "Filiphu, ngiyajabula ukuhlangana nawe futhi. Ingabe uzele ukuzongivakashela, mfowethu na?"

125 Awu, kukhona okuthize ngakho, lapho umuntu ebamba uNkulunkulu, noNkulunkulu abambe umuntu, uhamba aqonde ngqo ephuzwini, wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, woza futhi ubone uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

126 Futhi manje, niyazi, uNathanayeli wayeyikholwa lomthetho lokuqina, wathi, "Manje, awume kancane, Filiphu! Bengikwazi uyindoda elungile, eqinile, kodwa lapho, kungavela into enhle eNazaretha na?"

127 Manje, ngicabanga ukuthi wamnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu angayinikeza, "Ungahlali ekhaya futhi ukugxeke, woza, ubone. Woza uzibukele wena, kuhlole ngemiBhalo futhi ubone ukuthi kuqinisile yini." Lowo ngumqondo omuhle. "Woza, uzibonele. Ungagxeki, woza futhi uthole."

128 O, ngiyacabanga mhlawumbe uNathanayeli wathi, "Manje, linda, Uvela kuyiphi inhlangano na?" Lokho bekungaba ihumusho lika 1961 lakho. Kodwa akashongo ukuthi, "Manje, awume kancane, siyazi uma uMesiya efika, Uyofika kuKayafase—uKayafase, umpristi omkhulu, ungowenkolo omkhulu kunabo bonke ezweni." Noma, "Siyazi Uyoza kumbhishobhi, noma umbonisi jikelele, umuntu othile onjalo."

129 Kodwa uNkulunkulu uya lapho Afuna ukuya khona, futhi akusiwo umsebenzi wethu lokho Akwenzayo. Uyakwenzela ukuba azenelise Yena uqobo. Impela. Akezi neze kunoma ubani, kodwa Uza kwabampofu, nabadobi, nasemkhombeni, na—nabelusi bezimvu, kanjalonjalo.

130 Qaphelani, futhi lapho beqhubeka ngendlela yabo, ngiyababona bekhuluma, benencane . . . bathi, "Uyakhumbula . . .? Manje, Nathanayeli, uyisifundiswa esinolwazi kakhulu. Ngitshele, Nathanayeli, uzoba yini loMesiya, esithenjiswe yena na? SiyoMazi kanjani, ngokwemithetho na?"

Wathi, "Ngani, Uzoba ngumProfethi, ngoba uMose wathi, 'INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.' Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi."

131 Niyazi amaJuda njalo akholwa abaprofethi bawo, ngokuba iBhayibheli lathi, "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya

noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye. Futhi akushoyo kuyafezeka, khona-ke muzweni, ngokuba Nginaye."

132 Yileyondlela yokwahlulela lomhlangano kulobubusuku. Uma iZwi lisho njalo, noMoya oNgcwele uqinisile, Uyokubonakalisa, uma ungakubonakalisi, khona-ke akusiwo uMoya oNgcwele. Lokho ngukuthi . . . Kwahlulele ngawe uqobo nangeZwi.

133 Wayesethi-ke, "Uyamkhumbula lowomdobi omdala owathenga izinhlanzi kuye ngalesosikhathi ezansi emfuleni futhi akakwazanga ukusayina igama lakhe ukuze uthole irisidi yakho na?"

"Yebo."

"Uyazi ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni na?"

"Yebo."

134 "Umfowabo umlethe emhlanganweni izolo ngaphambi kokuba ngihambe, futhi kwathi nje angakhuphukela eBukhoneni bukaJesu, Wambuka wayesethi, 'Igama lakho unguSimoni.' Futhi uyamkhumbula uyise na?"

"Impela."

"Futhi Wathi, 'Igama likayihlo nguJonase.'"

135 Lowo bekunguJesu izolo, yileyondlela uJesu Azazisa ngayo njengoMesiya. Uma leyo kuyindlela Akwenze ngayo izolo, Uzofanele akwenze namhlanje uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi.

Bhekisisani akwenza, wathi, "Bekungeke kungimangaze uma Engakutshelanga ukuthi ubungubani ngenkathi ukhuphukela emhlanganweni."

"Awu, ngizofanele ngikubone."

136 Ekugcineni bafika, mhlawumbe wangena emgqeni womkhuleko lapho uJesu ekhulekela abagulayo, mhlawumbe wahlala phandle ezethamelini, angazi, kodwa nokho, ngenkathi uJesu enamathelisa amehlo aKhe kuye, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wamazi kanjani na?

"O," wena uthi, "indlela ayegqoke ngayo."

137 O, qhabo, bonke babegqoka ngokufanayo, abasempumalanga, babefaka imishuqulo yamadoda, wayengaba ngumGreki, wayengaba umArabiya, babefaka imishuqulo yamadoda nezingubo ezilengayo ezixegayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

138 Kwammangalisa *kangako*, waze wama, wayesethi, "Rabi," (*Rabi* kusho ukuthi "mfundisi.") "Rabi, Uke wangazi nini na? Ngani, Awukaze ungibone empilweni yaKho! Wazi kanjani

ukuthi ngingu, ngangingumIsrayeli, futhi indoda eqotho nelungile na?"

139 Sengiyawabona lawomehlo ebheka emuva kuye futhi, futhi uthi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." O, o, o, o! Kuthangi, namamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza izintaba. Amehlo anje pho!

140 Wathini lomfo na? Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli." Impela, wafundiswa, wayazi ukuthi yini okufanele ayikholwe, wayazi ukuthi lowo kwakungumProfethi uMose akhuluma ngaye. "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyinkosi yakwa-Israyeli."

Futhi uJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokhu, uyakholwa manje na?"

Wathi, "Yebo."

Wathi, "Khona-ke uzobona okukhulu kunalokhu, ngokuba uyobona iziNgelosi zehla futhi zenyuka."

141 Kodwa kwakukhona abanye ababemi lapho abangakukholwanga lokho, izifundiswa ezinkulu zosuku. Babefanele baphendule inhlangano yabo yebandla, ngoba inhlangano yebandla yayizobabuza umbuzo. Ngakho niyazi ukuthi bathini na? Abakwazanga ukukuhlanganisa ukuthi Wayezazi kanjani lezozinto, abone imicabango yabo, nokunye nokunye, futhi wayengumProfethi Owayengabatshela okwakuyikho, nalokho okwakuza, ukukubona ngokuphelele kakhulu, ngoba umBhalo wathi lowo kuyoba nguMesiya.

142 Futhi uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, isibonakaliso esifanayo siyisibonakaliso sikaMesiya namhlanje. Hhayi ngoba enye indoda yehla ngomgwaqo inezibazi esandleni sayo, igazi namafutha kuthululeka kuvela kuyo, kumbe noma kungahle kube yini, igqoke ingubo ende, lokho bekungaba ngumzenzisi. Kodwa mfowethu, ukuphila ngaphakathi emvinini kuyasho ukuthi uyini.

143 UJesu wathi, "NgingumVini, nina ningamagatsha." Uma igatsha lokuqala liphuma kulowomVini laveza ibandla lePentecostal, futhi babhala iNcwadi yeZenzo emva kwawo, uma lowoMvini ofanayo uveza elinye igatsha, bayokwenza into efanayo emva kwawo. Umvini wamagilebhisi uthela amagilebhisi.

144 Kodwa niyazi, njenga—njengabantu basentshonalanga lapha, ngibone isihlahla sokusamawolintshi lapha e-Arizona, ngikholwa ukuthi sasicishe sibe nezinhlobo eziyisishiyagalombili noma eziyisishiyagalolunye ezehlukene zesithelo esisawolintshi kuso, kodwa kufakelwe. Futhi namhlanje sinokuningi kakhulu okufakelwe eBandleni. Ba. . . Lingeke lathela isithelo. Ubeka isihlahla samawolintshi bese

ufaka igatsha likalamula kuso, lizothela ulamula, liphila ngokuphila kwesihlahla, kodwa lithela isithelo salo uqobo, ulamula.

145 Futhi kunjalo nanamhlanje, sinamabandla azibiza ngamabandla amaKristu, kodwa athela izimpawu zesayense yezenkolo nezenhlangano. Kodwa uma lowomvini wePentecostal owenza ibandla lePentecostal uke uveza elinye igatsha lePentecostal, uyoba njengoba wakunjalo ekuqaleni. Kunjalo impela. Uma uJesu Kristu ebonakala eBandleni, Uzofana njengoba Wayenjalo emuva lapho. Asiyikuthela olamula noma ophaphamuzi, siyothela amawolintshi uma kuyisihlahla samawolintshi futhi siveza igatsha laso. Akuyikuba yizinhlangano, akuyikuba ngamahlelo, kuyoba nguKristu, ngokuyikho.

146 Manje qaphelani, bama nezandla zabo emva kwabo, bazi ukuthi babefanele baphendule, ngoba Akakhulumanga kahle ngabo, ngani, bathi, "Ukwenza lokhu ngamandla kaBelzabule."

147 UBelzabule ungudeveli, futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli, zonke lezozinto ngezikadeveli. Futhi yonke into udeveli anayo iyinto ethize eyaphendukezelwa kweyangempela. Udeveli akakwazi ukudala, akasuye umdali; munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu.

148 Angaphendukezela lokho okudaliwe. Owesifazane olungileyo angaba sezweni, onesimilo nonokulunga, udeveli angamphendukezela futhi amenze omubi. Yini amanga na? Yiqiniso lihlanekezelwe. Yini ububi na? Ukulunga kuphendukezelwe. Yilokho...Kuyini ukungakholwa na? Inkolelo iphendukezelwe. Udeveli uyaphendukezela, kodwa akakwazi ukudala, akasuye umdali; munye uMdali, lowo nguNkulunkulu. Wayengadala noma yini ayeyifuna ukuba wayengumdali; kodwa munye kuphela uMdali, nalowo nguNkulunkulu.

149 Manje, sithola labobafo lapho bethi loMuntu wayenza lokhu ngamandla kadeveli. Lalelani, lalelisisani manje, ningakugeji lokhu. UJesu waphendukela kubo, wayesethi, "Ngiyanithethelela ngalokho," beMbiza ngodeveli, bebiza u—uMoya kaNkulunkulu owawenza leyomisebenzi, udeveli, wathi, "Ngiyanithethelela. Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza into efanayo, nezwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma nasezweni elizayo." Ngakho niyabona lapho simi khona na? Kulungile.

150 Siyaqaphela ukuthi lowo bekunguJesu izolo. O, besingahamba kanjani ukuthi kwakunjani ezansi lapho emzini waseJeriko! Sengathi ngiyambona uZakewu omncane egibela esihlahleni, wayesethi, "Manje, ngizoMbhekisisa edlula. Kodwa kusobala, ngamuzwa umkami esho ukuthi—ukuthi Wayekwazi ukwehlulela imicabango yengqondo, nezinto, kodwa angifuni

Yena enze noma yikuphi kwalokho kimi, ngakho ngizovele ngihlale phezulu lapha esihlahleni futhi ngizobheka."

151 Kodwa ngenkathi uJesu, eza ngaseMgwaqeni ophahlwe zihlahla uHaleluya futhi ehla ngoMgwaqo uNkazimulo, ngenkathi Ejika ekhoneni lapho, futhi nakhu kumi uZakewu phezulu esihlahleni, wonke esithekile, mhlawumbe iqabunga, waliphakamisa nje, ebuka ngaphandle, "O, ngingathanda ukuMbona," washo, "ngenkathi Edlula. Ngezwa umkami ethi Wayekwazi ukukhuluma imicabango yengqondo, futhi Wayengenza *lezi*zinto. Bangitshela ukuthi UngumProfethi, kodwa ngiyanitshela ukuthi Ubeyoba ngumProfethi othile impela ukwazi ukuthi ngangikuphi. Kodwa ngizoMkhohlisa manje, ngingasemva kwalezizihlahla lapha, ngihlezi egatsheni eliyimfologo."

152 Yilapho inqwaba yabantu ihlezi khona, lapho indlela yakho nendlela kaNkulunkulu zihlangana khona, ufanele uthathe eyodwa yazo.

153 O, ngimbone ehlezi phezulu lapho, ebuka ngale kwalelicembe, ebuka phansi. UJesu, ehamba eqondile futhi ethule, uza ngqo ngaphansi kwesihlahla, wase ebheka phezulu, wathi, "Zakewu, yehla, ngiya ekhaya nawe namhlanje." O, he! Lowo kwakunguJesu izolo. Unguye izolo, namuhla, naphakade, bekungaba nguJesu namuhla.

154 Khumbulani ngenkathi Eya e. . .Akakwenzanga lokho yena uqobo. UJohane oNgcwele :19, besingaya kulokho nge. . .Awu, sizoya nje kuJohane oNgcwele 5:19. UJesu washo, lapho Edlula esangweni elithiwa eLihle, futhi noma a—amachibi, njalo, laseBethesda. Ngizofika kulokho emizuzwini embalwa, isango eLihle. Kodwa We—Wedlula emasangweni aseBethesda, lapho ichibi lalikhona. Kwakukhona izixuku eziningi zezinyonga, izimpumputhe, izishosha, abashwabeneyo belele lapho, cishe zonke izinhlobo zabantu abahluphekile, iBhayibheli lathi izixuku ezinkulu. Futhi Wedlula ngakubo, akazange athinte namunye wabo, nokho egcwele isihawu, egcwele uthando, wahambahamba waze Wathola indoda ilele ohlakeni.

155 Bangaki kini nonke abaziyo ukuthi yini uhlaka na? Awu, nivela kuyiphi ingxenye yeKentucky na? Ngakhuliswa kolulodwa, ngalala emnyango esimweni sezulu esishisayo.

156 Nalendoda yayilele ohlakeni, mhlasimpe, i—ingahle ukuba yayinenkathazo yendlala yesinye, noma ingahle ukuba yayinesifo sofuba, sasibophile, yayisibe naso iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Kodwa khumbulani, uJesu wayazi konke ngakho, wayazi lapho eyayilele khona, futhi Weza kuyo, wayesethi, "Uyathanda ukusinda na?" Edlula ngakubo bonke abanye, "Uyathanda ukusinda na?"

Yathi, "Anginamuntu ongangifaka emanzini." Yayikwazi ukuhamba, yathi, "Ngiseza," omunye umuntu uyagijima ayedlule, angene echibini kuqala.

Futhi Wathi, "Thatha umbhede wakho, uye endlini yakho."

Futhi khona-ke uJesu wabuzwa ngakho. Uma Efika kulomuzi futhi enze into efanayo kulobubusuku, Ubesayolokhu ebuzwa.

157 Kodwa wathini na? Lalelani, uJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo." UJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso ngaphandle kokuba uBaba aMkhombise kuqala, noma Washo into ethize eyiphutha lapho. "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo."

158 Akungabazeki babethi, "Awumphulukisanga ngani uMnu. Jones laphaya? Uthengise amapensela esitaladini isikhathi eside."

159 "Nangu uDadewethu Cashorn omdala ngapha, ngani, ubenesifo samathambo iminyaka. Awumphulukisanga ngani na? Ungowesifazane olungileyo, uyilunga lesinagoge lami."

160 Wathi, "Ngenza njengoba nje uBaba eNgibonisa. UBaba uyasebenza naMi ngiyasebenza kuze kube manje." O, lowo nguJesu izolo, lowo nguJesu namhlanje. UJesu ofanayo usebenza njengoba uBaba eMkhombisa; siyakuqaphela.

161 Sibona owesifazane eza edlula, futhi wathi, "Uma nje ubengathinta umphetho wengubo yaKhe," uJohane oNgcwele, "uma ngingathinta umphetho wengubo yaKhe ngizosinda," futhi wacindezela wedlula.

162 Manje, Akakuzwanga ukuthinta kwakhe nje ngokukuzwa nje ngokomzimba, ngoba ingubo yasePalestine iyaxega futhi yayinengubo yangaphansi ukuvimbela uthuli ezithweni zabo. Khona-ke babene . . . Yingalesosizathu babegeza izinyawo. Futhi umphetho wengubo yaKhe, bengingeke ngizwe uma uthinte ibhantshi lami, futhi kanjani ngaleyongubo ilenga ixega na? Kodwa Wawuzwa umoya. Onke amadoda ayeMzungezile, kodwa lowo wesifazane omncane waMthinta.

Futhi wasukuma, ngokuba washo phakathi kwakhe, "Uma nje ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngizosinda."

NoJesu wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

Futhi uSimoni Petru wathi, waMkhuza, wayesethi, "Uyisholoni into enjengaleyo na?" Wathi, "Ngani, bonke uyaKuthinta."

163 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka, kuphumile amandla kiMi." Futhi Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane omncane, futhi Wamtshela

ngomopho wakhe, wayesethi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

164 Lowo kwakunguJesu izolo. Futhi kulobubusuku, buza abefundisi basesontweni, iBhayibheli lasho ukuthi uJesu Kristu, kulobubusuku, ungumPristi oMkhulu ohlezi eNkazimulweni onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Uma uthinta uJesu kulobubusuku njengoba kwenza lowo wesifazane, khona-ke Ubeyokwenza kanjani na? Ubeyokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubeyojika bese ethi, “Ubuno*kuthi-nokuthi*, kodwa manje ukukholwa kwakho kukuphulukisile,” uma Enguye.

165 Manje, khumbulani, kukhona kuphela, njengoba ngivala, kunezigaba ezintathu kuphela zabantu, noma ubuzwe obuthathu, ngempela, ezweni, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete; lowo ngamadodana amathathu kaNowa. Siyalikholwa iBhayibheli, ukuthi sonke isintu saphuma kulawomadodana amathathu, uma sizokholwa iZwi, lelo kwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya.

166 Manje, khumbulani, amaSamariya namaJuda, umSamariya wayengumJuda ingxenye noweZizwe, ngakho babebheke uMesiya. Futhi iqiniso langempela enhliziyweni, Wazembula kubo, futhi leso kwakuyisinqumo saKhe, khumbulani, isinqumo saKhe sokuzazisa Yena uqobo njengoMesiya ngokubakhombisa lesosibonakaliso.

167 Labo abaMkholwayo babenokuPhila okuPhakade, labo abaMenqaba basuka bangena ekubhujisweni kwaphakade. Manje, siyaMthola . . . Wazazisa kanjalo-ke Yena uqobo kumaJuda. Besingahamba . . . Bukani impumputhe uBartimewu, nokuthi kanjani . . . O, i—imiBhalo ebesingabhekisela kuyo!

168 Manje khumbulani, Washo futhi ukuthi Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, uJohane oNgcwele 4. Wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, Wayedingeka enyuke azungeze igquma eya eSamariya. Futhi ngenkathi Efika e, Samariya, Wathuma abafundi baKhe emzini ukuyothenga ukudla, kwakucishe kube semini.

169 Wahlala emthonjeni, into ethile ebonakala ngasikhathi sinye njenga*le*. Futhi kwakukhona o, ngingathi, omuhle, owesifazane osemncane waphuma. Siyamazi lapha eMelika njengesifebe. Wayenezigejane zamadoda ayehlala nawo. Futhi waphuma ukuyokha amanzi akhe, mhlawumbe kwakungenxa yokuthi wayekade ephumile ubusuku bonke, futhi walala kwaze kwaba semini. Ngokwejwayelekile, izintombi ziya emthonjeni kusesekuseni kakhulu.

170 Ufanele ubabhekisise ukuthi bawagwedla kanjani lawomanzi aphume, bese bebeka imbiza engamagalani amahlanu phezu kwekhanda labo, neyodwa enqulwini ngayinye, futhi ahambe futhi axoxe njengoba amanenekazi

engenza, futhi angachithi ngisho iconsi lawo. [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] Kodwa (Uxolo.) manje, kodwa mhlawumbe akakwazanga ukuza nabantu abakahle, wayefanele afike lapho bonke abanye sebewatholile amanzi abo.

171 Ngakho simthola ephuma eya emthonjeni. Futhi waqala ukuvumela amancane akhe—akhe, wafaka amahhuku amancane ezibanjeni ohlangothini lo—lojeke, futhi wayehlisa ukuba agwedle amanzi, futhi wezwa iPhimbo lithi, "Sifazane, Ngiphuzise."

172 Futhi wabuka ngale futhi wabona iJuda lihlezi lapho, iNsizwa. Wabheka, awu, Wayenamashumi amathathu kuphela, kodwa iBhayibheli lathi Wayebukeka enamashumi amahlanu, niyakwazi lokho, ngiqagele umsebenzi waKhe wenza lokho kuYe. Awu, basho kuJohane oNgcwele, isahluko 6, "Uthi umbonile u-Abrahama, futhi ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala na?"

Wathi, "Engakabikho u-Abrahama NGIKHONA." U NGIKHONA wayesesihlahleni esivuthayo, niyazi.

Ngakho, bathi, "Awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala."

173 Ngakho, Wayehlezi ngale encike odongeni futhi ecela lona wesifazane amanzi. Manje, babenokwehlukana lapho, njengoba babevame ukuba nakho eningizimu. Wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela umSamariya, mina, owesifazane waseSamariya, lokho akusilo isiko kulezizinsuku." Lalelani ingxoxo, ningayigeji.

174 Yena . . . Wathi, "Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye," ngiyamangala, kulobubusuku, uma ibandla ngempela belazi ukuthi uBukhona beNkosi bebulapha, "ukuba nje bewazi kuphela ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi, futhi beNgizokunika aManzi ukuthi awuzi lapha ukuzowakha."

Wathi, "Umthombo ujulile, Awunalutho lokukha ngalo."

175 Nengxoxo . . . Wayezama ukwenzani na? Xhumana nomoya wakhe. UBaba wayeMthumele phezulu lapho, Wayengazi ukuthi kungani, kodwa lona wesifazane uyaphuma, Wayezama ukuxhumana nomoya wakhe. Wathi—Wathi . . .

Wathi, "Nithi sikhuleka eJerusalema, obaba bethu babekhuleka kulentaba, Wena uthi eJerusalema."

176 UJesu wathi, "UNkulunkulu unguMoya, abakhuleka kuYe bafanele bakhuleke kuYe ngoMoya nangeqiniso." Ingxoxo yaqhubeka imizuzu embalwa Waze wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Manje lalelani, kuzonisiza emizuzwini embalwa. Niyabo? Wakhuluma naye waze Wayithola inkathazo yakhe, Wayesethi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Bhekisisani, Wenza lawo maSamariya manje, Usevele ube kumJuda, wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle. Ubunayisihlanu, ngakho-ke, le ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, usho iqiniso."

177 Wenzani na? Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma uhhafu wabashumayeli wazi, naye ekulesosimo, ngaphezu kokuba benza ngaleyonkathi, empeleni.

178 Wathi, "Mnumzane," akaMbizanga ngoBelzabule, umbhuli, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." Manje lalelani, "Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, othiwa uKristu, Uzositshela lezizinto," isibonakaliso sikaMesiya, "thina maSamariya siyazi ukuthi uMesiya uzokwenza lesisibonakaliso, ngakho Ufanele ukuba ngumprofethi waKhe."

UJesu wathi, "NginguYe okhuluma kuwe." O, he!

179 Niyabo, wafundiswa ukwazi ukuthi uMesiya wayezokwenzani, hhayi ukuthi Wayezogqoka kanjani, kodwa lokho Ayezokwenza, hhayi ukuthi hlobo luni lokufundisa Ayoba nalo, kodwa . . .

180 Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningangikholwa." Babazi ukuthi Wayezoba nguNkulunkulu-mProfethi.

181 Wathi, "Ufanele ukuba ngumprofethi. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, othiwa uKristu, Uzositshela zonke lezizinto," niyabo, leso yisibonakaliso Ayosenza, "kodwa Ungubani—UnguBani na?

Wathi, "NginguYe."

182 Wenzani na? Washiya imbiza yamanzi, wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?" NeBhayibheli lasho ukuthi amadoda omuzi akholwa kuYe ngenxa yobufakazi bowesifazane ukuthi Wamtshela ukuthi izinkathazo zakhe zaziyini. Uma leso kwakuyisibonakaliso saKhe izolo, yisibonakaliso saKhe namhlanje.

183 Manje bukani, funisisani emiBhalweni futhi anisoze nabona nakanye Enza lesosibonakaliso phambi koweZizwe. Kungani na? AbeZizwe, thina ma-Anglo-Saxon, sasinezagila emhlane wethu futhi sasihlala emigedeni, sasingabheke Mesiya, uMesiya uza kuphela kulabo abaMbhekile.

184 Manje sengivala, ukuphawula kwami kokugcina, ngingahle ngisho lokhu. Angi . . . Ngibuka lelowashi elikhulu emuva lapho futhi lingenza ngishaywe wuvalo. Qaphelani, kuningi kakhulu okufanele kushiwo, kuningi kakhulu obungakubophela phakathi.

185 Kodwa manje khumbulani abantu bakaHamu, uShemi, noJafete, amaJuda, amaSamariya, nabeZizwe. Manje, amaJuda namaSamariya ayebheke uMesiya, futhi Wazazisa Yena uqobo kubo njengoMesiya ngokwazi ukubakhombisa ukuthi WayengumProfethi uMose akhuluma ngaye owayezofika. Nonke niyaqonda, thanini, "Amen." Kulungile.

186 Manje, abeZizwe ubeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi manje abeZizwe sebeza ekupheleni. Manje, sitheni kulokhu ukusa na? Uma uNkulunkulu eke enze isinqumo futhi enze noma yini ngendlela eyodwa, Uzofanele akwenze ngesikhathi esilandelayo ngendlela efanayo, noma Wakwenza ngokungesikho okokuqala. Niyakuqonda manje na?

187 Manje, okunye nje futhi ukufundwa komBhalo okuncane, ngithetheleleni umzuzwana nje, ngifanele nje ngithole lokhu lapha. UJesu wathi, kuLuka 16, ngikholwa ukuthi kwakunguye, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Senake nakufunda lokho na? Manje, bhekisisani ukuthi kwenzekani eSodoma. Manje, ngokusondele manje, sizoqala umugqa womkhuleko.

188 Kuhlala njalo kunezigaba ezintathu zabantu: u-Abrahama wayemele iBandla elibizelwe ngaphandle, Wabizelwa ngaphandle, Wazehlukanisa neSodoma; kwase kuthi-ke kwakukhona abaseSodoma, ababi; futhi kwakukhona futhi uLoti no—umKristu ngegama ezansi lapho, ikholwa elisivivi. Kodwa wayezehlukanisile ku-Abrahama, ngoba u-Abrahama wayempofu kakhulu, phandle emihlabathini ewugwadule, futhi wathatha izindawo ezicebile.

189 Yilokho amakhulu, amabandla agqamile akwenzile namhlanje, abacebile, kodwa iqembu leqiniso, iBandla elibizelwe ngaphandle . . . Manje, khumbulani, kunezigaba ezintathu, ezimbili zazo zisezansi eSodoma, abaseSodoma; kanti futhi ne—ikholwa elithiyeka emngceleni, uLoti; kwase kuthi-ke kwakukhona u-Abrahama, iQembu elibizelwe ngaphandle.

190 Ngolunye usuku esahlezi phansi kom-oki wakhe, kwakukhona amadoda amathathu enyuka, ayegqoke izingubo njengamadoda, egcwele uthuli, futhi athi ayeyizihambi, kodwa ayengaphezu kwezihambi. U-Abrahama, eyindoda egcwele uNkulunkulu, ekholwa uNkulunkulu, wathi nje angawabona wazi ukuthi kwakukhona into exakile ngawo. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi."

191 Futhi ngakho, wagijima waphuma futhi wahlangana nawo, wayesethi, "Ngenani futhi nihlale phansi ngaphansi kom-oki, futhi ngizonikhelela amanzi amancane, ngigeze izinyawo zenu. Futhi nibe nocezu lwesinkwa, bese-ke niqhubeka nomsebenzi wenu."

Wagijimela ethendeni, watshela uSara, wathi, "Xova ufulawa, impuphu, wenze amaqebelengwane eziko."

Futhi wagijima waphuma futhi wathola ithole futhi walibulala, walinika inceku yakhe, wayesethi, "Lihlinze."

192 Futhi ngenkathi belihlinza, balikhipha, futhi bahlala lapho futhi badla, amadoda, edla njengamadoda. Futhi Eyodwa yayilokhu ibuka ezansi ngaseSodoma. Ekugcineni, amabili awo ehlela eSodoma. Futhi Lena eyasala ngemuva yatshela u-Abrahama, yathi, "Angizukukufihlela lokho eNgizokwenza." Yathi, "Ngi—ngizwile ngeSodoma likulesosimo, ngehlile ukuba ngihlole." U-Abrahama wayazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu.

Manje, umfundisi wathi kimi esikhathini esingeside esedlule ngenkathi ngenza lokho kuphawula, wathi, "Uqonde ukuthi lowomuntu wayenguNkulunkulu na?"

Ngathi, "U-Abrahama wathi Wayenguye, Wayebizwa ngo-Elohim." Bona ukuthi akulungile yini, Elohim.

Wathi, "Emzimbeni wenyama na?"

193 Ngathi, "Uqobo. Awazi ukuthi uNkulunkulu wethu mkhulu kangakanani." Ngathi, "NgiyaMbona ehamba ephuma eZulwini, efinyelela, senziwe ngezakhi eziyishumi nesithupha: i-phetroliyamu, iphothashi, nokukhanya komhlaba nezulu, nephetroliyamu, Wavele wathola nje okugcwele isandla kwalokho, "*Whewu*!" Wathi, "Ngena lapha, Gabriyeli." Wafinyelela ngale, wayesethola enye, wayesengena, enye iNgelosi, wangena kweyodwa Yena uqobo, wase-ke ebuyela emuva ngqo waphuma kuyo futhi.

194 Ngijabula kakhulu ngiyaMazi, ngoluny'usuku lapho ngingelutho kodwa uthuli, Uzongibiza, futhi ngiyoMphendula, Angakubiza, uzophendula. Ungu-Elohim, Okhona ngokwamandla aKhe. Impela.

195 Manje bhekisisani, bhekisisani isibonakaliso Asenzile ekholweni, iBandla elibizelwe ngaphandle. Manje, kwakukhona uBilly Graham wesimodeni, nabo, baqhubeka behla futhi bashumayela kubo eSodoma, abenzanga-zimangaliso, kuphela babaphuphuthekisa. Awu, iVangeli liphuphuthekisa ongakholwayo noma kanjani. Ngakho, abenzanga-zimangaliso, kodwa babiza uLoti aphume lapho, yena, nomkakhe, nabantwana baphume eSodoma.

196 Kodwa bhekisisani Lowo oza eBandleni eliKhethiweyo, lowo osengcosaneni ngesibalo, esondele, Wayenomhlane waKhe ethendeni. Abesifazane ngalezozinsuku, hhayi njengoba benjalo manje, bafanele bagijime baphume bese bethatha indawo yomyeni wabo, futhi benze konke ukukhuluma, bahlala emuva ethendeni lapho babengabakhona. Ngakho manje-ke Waye. . . Wayengenasibindi njengoba benjalo, o, he. Awu, ngi. . .Lowo ngumsebenzi wenu nonke, bazalwane, kuqondiseni lokho.

197 Kodwa empeleni, qaphelani, leNdoda yayihlezi Ifulathele ithende, futhi Yathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?” Yayazi kanjani ukuthi wayeshadelwe na? Yayazi kanjani ukuthi igama lomkakhe kwakunguSara na?

Manje bhekisisani, iBhayibheli lathi, u-Abrahama wathi, “Usethendeni emva kwaKho.”

198 Futhi Yathi, “Abrahama, *Ngi*,” lesosabizwana somuntu futhi, “Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgikunika sona.” USara wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala ngaleyonkathi, “Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgikunika sona ukuthi uzoba naleyongane.”

Futhi uSara, ethendeni, wahleka kuye, wathi, “*Mmf*!”

199 Futhi iNgelosi Ifulathele yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Kwakuyini lokho na? Yayazi ukuthi igama lakhe kwakunguSara, imnika isithembiso, futhi yazi ukuthi wasihleka, kuye uqobo, ethendeni.

200 Jesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” AbeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesayense yezenkolo, njengoba kwenza amaSamariya nabo. Manje, kwakuyini na? INgelosi, uNkulunkulu, ukuba asebenze enyameni yomuntu. Yilokho okwakuyikho, kwakunguNkulunkulu esimweni somuntu.

201 Manje, uKristu, ngenkathi Efa, Wangcwelisa iBandla, ukuze Yena uqobo lwaKhe engabuya futhi aphile kuleliBandla, futhi enze izinto Azenza, “nani niyakuzenza.” Ngabe kunjalo na? [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.) Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza njengoba Enzile izolo, futhi uzokwenza namhlanje, futhi uzoba njalo kuze kube phakade. Ngabe kunjalo na?

202 Manje, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Uphi namhlanje na? UseBandleni laKhe. Ubani iBandla laKhe na? Ababizelwe ngaphandle. Hlobo luni lwesibonakaliso Azosenza na? Njengoba Ethembisa. Uzosisebenza kanjani na? Indlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Efika ku-Abrahama, indlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Efika kumaJuda, indlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Efika kumaSamariya, futhi wakwethembisa ekupheleni konyaka wabeZizwe.

203 Manje, uma singaMbona eza enkundleni. . .Akunandaba ukuthi Ubeyongigcoba kangakanani, Uzofanele akugcobe, nawe. Ngenkathi Efika emzini waKhe uQobo, imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo. Ngakho Uzofanele akugcobe, futhi Uzofanele angigcobe. Nalokho kwenza izwe libone ukuthi uJesu Kristu usenguye, ngoba Usebenza eBandleni laKhe enyameni yomuntu Ayingcwelisile ngeGazi laKhe uQobo, ngenhloso

yokuZibonakalisa, ezenza Yena uqobo onguye izolo, namuhla, naphakade.

204 "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona." Manje, i*zwe* lapho elipelishiwe yigama lesiGreki elithi *kosmos*, elichaza "inqubo yezwe," Niyabo? "Izwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina," *nina*, lelo yikholwa, iBandla, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

205 Niyakukholwa na? Ngalezizithembiso ezimbalwa engizishilo kini kulobubusuku . . . Hhayi ngoba Wayegqoke ngokwehlukile, hhayi ngoba Wayengowanoma yisiphi isizwe sakubo, hhayi ngoba Wayengowenhlangano, yayingekho into enjalo ngalezozinsuku, lokho akuzange kuMenze uJesu, lokho akuzange kuMenze uNkulunkulu, kodwa imisebenzi Ayenzayo iyafakazisa ukuthi ukuthunywa kwaKhe Athi Wathunywa kuyo kwakuyiqiniso. Ngabe kunjalo na? Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi wethembisa imisebenzi efanayo Ayenza iBandla liyoyenza, anikukholwa na? Uma kukwenza, khona-ke amazwi aKhe ayiqiniso.

206 Manje-ke uma Ekwenzile kumaSamariya, nakumaJuda, futhi wakwethembisa kwabeZizwe ngosuku lokugcina ngaphambi kokuFika kweNdodana yomuntu . . . O, suku luni esiphila kulo, bazalwane na? Silapha. Sisesikhathini sokuphela, mfowethu, dadewethu. Ikakhulu noma ngasiphi isikhathi kungenzeka. Khumbulani, ngenkathi bekwala, niyazi ukuthi kwenzekani, iSodoma lasha, amaJuda labhujiswa, futhi manje sisonyakeni wabeZizwe weminyaka eyizinkulungwane ezimbili.

207 Manje lalelani, umprofethi wathi, "Kuyobakhona usuku oluyohwaqabala, lungeke lwabizwa ngobusuku noma imini, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." Kunjalo na? Manje, ilanga elifanayo liphuma empumalanga, lishona entshonalanga. IN-d-o-d-a-n-a Eyafika empumalanga kubantu basempumalanga, futhi yathululela uMoya phezu kwabo kwelasempumalanga . . .

208 Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yenhlangano yebandla, usuku olukhwantabele nje, okwanele ukubona ukuthi ulijoyina kanjani ibandla futhi uphile impilo enhle, kodwa yisikhathi sokushona kwelanga, iNdodana efanayo, nento efanayo Eyayinayo empumalanga, ikhanyisa emhlabeni futhi entshonalanga. Futhi sisoGwini lwaseNtshonalanga, uma siqhubekela phambili, impucuko ihambe nelanga, besiyobuyela empumalanga futhi. Ngakho sisesikhathini sokuhlwa nokuKhanya kwakusihlwa, ngoMoya oNgcwele ofanayo owawukuYe useBandleni wenza izinto ezifanayo. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla naphakade.

Asikhothamise amakhanda ethu.

209 Nkulunkulu onomusa, iZwi elilodwa elivela kuWe lizoba ngaphezu kwanoma yimuphi umuntu abengayisho esikhathini sokuphila konke. Sifunda ukuthi kuyiqiniso, O Nkulunkulu, kodwa abantu bathi manje, "Ake sibone ukuthi kuyasebenza yini." Impela, Nkosi, kuzofanele kusebenze, kuzofanele kuqonde ngqo kokuhlosiwe, kuzofanele kube njalo, Wakwethembisa. Ngikhulekela ukuthi UzoZibonakalisa kulobubusuku, Nkosi. Lababantu bayaKuthanda, futhi bayagula. Lendoda ehlezi lapha, ibambe lengane encane enekhanda elinamanzi, lobabayi omdala bandla ehlezi laphaya ekhwehlela, lomama ehlezi esihlalweni esinamasondo; omunye ngaleya nenduku yokuqhugela, emhlophe, esandleni, O Nkulunkulu, bayamemeza:

Ungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala okuthobekile kwami;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

Ngokuba Wena unguMfudlana wenduduzo yonke yami,
Ungaphezu kokuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

210 Makwazeke kulobubusuku, Nkosi, ngikhulume ngaWe. Manje khuluma ukuthi ngikhulume iqiniso, Baba, elizoqinisa amazwi nalababantu bazokholwa, futhi bazophulukiswa futhi baye ekhaya bejabule. Futhi yipha ukuthi kuzobakhona imvuselelo equbukayo lapha kulelidolobha, ngokwangempela izinkulungwane zemiphefumulo zizozuzelwa kuKristu, futhi lonke ibandla ligcwele phama, amabandla amasha akhiwe. Futhi kwangathi kungaba yisibonelo kubantu ukuba beze bevela empumalanga nasentshonalanga ukuzobona inkazimulo kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi.

211 Sikunikela konke ezandleni zaKho manje. Sengiphelile, akusekho okunye engingakusho, kukuWe ukuba ukhulume manje, Baba, ngoba abantu uyabona ukuthi kuyisithembiso. Imizuzu embalwa nje lapha ukufundisa kancanyana, ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha iZwi lishone ngqo lijule enhliziyweni yabo, ukuthi abayikwehluleka ukuLithola. Ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

212 [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] Ngiyaxolisa ngokukhwehlela kwami. Ngiyashumayela ngaso sonke isikhathi, futhi nginomphimbo womshumayeli nje, futhi ngoluny'usuku ngaba manzi ngempela, futhi ngithe ukuba nokuqhasela okuncane selokhu ngibephezulu lapho e—eBeaumont, eTexas.

213 Ngakho manje, ngi—ngifuna nikhumbule. Manje, uma besingaMbona kulobubusuku eza futhi enza njengoba nje Enza

ngaleyonkathi, besiyoba njengalabo abaya ekhaya bevela e-Emawuse na? Bahamba usuku lonke naYe futhi babengakwazi. Ngalobobusuku Wenza sengathi Uyodlula. Angahle enze ngendlela efanayo kuwe kulobubusuku, sengathi Uzodlula ngakuwe. Ungahle ungabi nalo ikhadi lomkhuleko, ungahle ungabibikho ngisho emgqeni, kodwa Angeke akwedlule. Mmeme nje, uthi, "MangiKuthinte, Nkosi." Bonani ukuthi Wenzani.

214 O, akusiyo inselelo leyo na? Cabangani ngalokho. Kuyinselelo kakhulu kunokuhamba wehlele kulona wesifazane osesihlalweni esinamasondo, futhi uthi, "Sukuma uhambe." Impela. Wayengakwenza ngempela lokho ngamandla engqondo, kunjalo, ngokwengqondo, ubengakwenza ezisekelweni zeChristian Science, sekwenziwe. Kodwa lapho ubona uKristu engena kubantu futhi enze ukubonakaliswa okufanayo kwesibonakaliso saseZulwini, kubuyiseliwe ekugcwaliseni iZwi, isimangaliso esinje pho, amandla anje pho!

215 Futhi ukucabanga, ngilapha kulesisakhiwo kulobubusuku, akukho-mphefumulo lapha engiwaziyo, engingawubuka futhi ngiwubone, hhayi ngaphandle komfana wami weteyipu ohlezi khona *lapha*, uMfowethu Goad; nguyena kuphela umuntu engimaziyo. UNkulunkulu unazi nonke. Manje, angisiYena, Ulapha, nokho.

216 Futhi manje, asikwazi ukubiza onke lawomakhadi omkhuleko ngesikhathi esisodwa. Futhi ngithanda nje ukuba beze abambalwa nje ngesikhathi, njengoba bebiza, noma balinde umzuzu. Ngineqiniso uthe ukhipha amakhadi. Uphi uBilly na? Kuphi na? O, ngiyaxolisa. Yebo. O-A? Elokuqala kuya ekhulwini na? Kulungile. Asiqale kwelokuqala, elokuqala-ke. Ubani onekhadi lomkhuleko A lokuqala na? Ngizobabiza, ukuze sikwazi ukuthwala labo osezihlalweni ezinamasondo futhi sibathole. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

217 . . .iBhayibheli nokunye, ngathi, "Kokubili ngeke kwaba ngokulungile, Okunye kuqinisile nokunye kunephutha. Makuthi uNkulunkulu weBhayibheli akhulume."

218 ENingizimu Afrika, indlela efanayo, ngaphambi cishe kwezinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi amahlanu, o, Usenguye uNkulunkulu, ngenkathi izinyanga-bathakathi, zihlazeka nje, zimi lapho, isitha sabaleka. Ngakusasa ekuseni cishe amaveni amakhulu ayisikhombisa noma ayisishiyagalombili elayishile nje izinduku zokuqhugela, nezihlalo ezinamasondo, namapulangwe ababekade bethwelwe ngawo, ayehla ngesitaladi, ngenkathi uSidney Smith, iMeya yeTheku, wangibiza, wathi, "Mfowethu Branham, lunguza ngefasitela lakho, ngale ngasogwini lolwandle."

219 Nakho kufika amakhulu abantu, kuthangi wayehamba ngezinduku zokuqhugela nezihlalo ezinamasondo nalawo maveni ayisikhombisa amakhulukazi ase-Afrika, kukude nje

njengalezozinsika ezimbili zihlangene, kunqwabelene kuyothi ngqu phezulu, kugcwele lokho, beza nezandla zabo ziphakeme, babesempini omunye nomunye ngezizwana, behamba ngosuku olulandelayo becula, "Konke kungenzeka; kholwa kuphela."

220 Izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu zaphulukiswa ngesikhathi esisodwa. Ngani na? Babengafundiswanga yonke into, babeyintombi-nto, balizwa iBhayibheli, baLikholwa, baLemukela, futhi kwenzeka.

221 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, gcinani izihlalo zenu, nithule. Angiqondile ukusho ukuthi ningeke nimdumise uNkulunkulu, kodwa nje thulani futhi nilalele. Manje, manje eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Manje qaphelani emva kwalokho.

222 Manje, ngiqagele ukuthi kulomugqa womkhuleko lapha, nonke niyizihambi kimi. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Uma niyizihambi, phakamisani isandla senu. Angikwazi.

223 Manje, uma benginganiphulukisa futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumzenzisi. Kodwa angikwazi ukwenza lokho uNkulunkulu asevele ukwenzile. Kuphela nginga . . . Ukuba-ke Ubemi lapha kulobubusuku nalesudu Anginike yona na? Wena uthi, "Nkosi, Uzongiphulukisa na?"

Niyazi ukuthi Ubeyothini na? "Mntanami, seNgivele ngikwenzile lokho, aNgikwazi ukukwenza kabili, Ngikwenze kanye nje. Kungukuthi, ufanele ukukholwe."

224 Kodwa manje-ke Angahle akhombise—akukhombise okuthize ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya. Manje, hhayi ngezibazi zezipikili, ngoba noma ubani ubengaba nezibazi zezipikili ezandleni zabo. Kodwa Uyokwenza isibonakaliso esifanayo Asenza okokuqala, njengoba ethembisa ukuthi Uyokwenza. Akasoze aye ngaleya kwezithembiso zaKhe, Akwethembisa Uyokwenza.

225 Manje, nangu owesifazane, siyizihambi omunye komunye. Kulungile. Uzifundile izincwadi zami. Uthe uzifundile izincwadi zami, futhi wacabanga ukuthi wacishe wangazi ngokufunda izincwadi zami. Kulungile. Manje-ke, dadewethu, nginomama ekhaya, kulobubusuku, uyangikhulekela. Angehlelanga lapha ukuba ngibe ngumkhohlisi, ngiza lapha ukuba ngibe ngumfowethu. Angizelanga ukuthatha indawo kadokotela, ngizela ukusiza iziguli zakhe, niyabo, ukuba ziphile. Angizi neze ngimele noma yiliphi ibandla elithize, iNkosi uJesu Kristu nje.

226 Manje, lesi yisikhathi sokuqala, ngokwazi kwami, sike sahlangana. Khona-ke uma bengingeza, ubuyo, mhlampe, uma usemgqeni womkhuleko, ubungagula, futhi uma bengingathi, gijima, ngibeke izandla zami phezu kwakho, ngithi, "Yamukela

ukuphulukiswa kwakho eGameni leNkosi uJesu. Hamba, ukholwe," ubuyoba nelungelo lokwenza lokho. Lelo yiqiniso, kunjalo.

227 Kodwa manje, ukuba-ke Ubengeza lapha futhi akutshele into ethize oyenzile, noma njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, wakhuluma naye futhi wembula kuye ukuthi yi—yayiyini inkathazo yakhe na? Khona-ke ubuyokwazi ukuthi bekungesimi, ubungeke na? Isizathu angikwazi. Angikaze . . . Nazi izandla zami, ngi—ngibeka izandla zami kuNkulunkulu phezu kweBhayibheli laKhe, angikaze ngimbone empilweni yami, angazi lutho ngaye. Futhi lelo yiqiniso, angazi noyedwa umuntu kulowomugqa womkhuleko, noma ndawo laphaya njengoba ngingakwazi ukubona, ngaphandle kwalabo engibize igama lakhe.

228 Kodwa manje, uKristu uhlala efana, Akanjalo na? Manje, uma Ezo . . . Uma lona wesifazane . . . Makabe ngumahluleli, uma nonke nimazi lapha ebandleni kumbe noma ngabe uvelaphi. Uma—uma e . . . Uma Engamtshela ukuthi ubeyini, nalokho okuthile okungalungile kuye, noma lokho akuzele lapha, kungahle kube ngokwasekhaya, ezezimali, a—angazi. Kodwa uma Engembula lokho, ngabe lokho kuzoMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade na? Bangaki abazokukholwa lokho na? Manje, phakamisa isandla sakho, uthi, "NgiyaMthanda, futhi uMkholwe." Ngiyabonga, cishe impela amaphesenti ayikhulu. Niyabo?

229 Manje, uma ungakukholwa, kungcono uthule, ngoba uyazi ukuthi kwenzekani, inqwaba yesikhathi izinhlupheko zisuka komunye ziye komunye, kuzofanele kuthole indawo. Niyakhumbula eBhayibhelini na? Niyabo? Kuyosuka komunye kuye komunye. O, ngibone okuningi kakhulu kwenziwa kanjalo. Ngakho njengomfowethu nje, ngithi uma ungakukholwa, kungcono nje uhlale ngenhlonipho yokuzithoba, futhi ugobise ikhanda lakho kuze kuphele.

230 Manje, amazwi engiwakhulumile ngoJesu Kristu manje afanele abonakaliswe, noma kuphakathi kokuthi ngikhulume amanga, noma iBhayibheli laKhe likhulume into ethile engalungile. Manje, uma noma ubani engakukholwa, efuna ukuthatha indawo yami, wemukelekile ukuba wenyukele lapha futhi uyithathe, niyabo.

231 Kodwa inqobo nje uma uNkulunkulu enze isithembiso, Uyasigcina isithembiso saKhe. Futhi ngenkathi iNgelosi yeNkosi ihlangana nami phezulu lapho eminyakeni eyishumi nane eyedlula, futhi yangitshela lezizinto engazalelwa ukuzenza, futhi ngakwazi yonke impilo yami, nabazalwane beBaptisti bazama ukungitshela ukuthi kwakungudeveli nakho konke, khona-ke ngithola ukuthi, kwakunguye impela uNkulunkulu waseZulwini ezama ukufinyelela kimi. Ngikukholiwe kusukela

lapho. Kwethuse izwe. Ngizibonile ngempela izigigidi ziza kuKristu emhlabeni jikelele.

232 Manje nakhu kuseTucson okokuqala ngqa. Nakhu kuseBhayibhelini. Nasi isithembiso; kodwa kuzosebenza na? Kuzosebenza lapho Ekusebenza, futhi yilokho kuphela.

233 Manje, uma iNkosi yembula kimi ukuthi yini engalungile ngowesifazane, bangaki ozoMemukela njengoMphulukisi wakho na? Futhi lapha sobabili siphakamise izandla zethu, asikaze sihlangane ngaphambilini empilweni. Uthe uzifundile izincwadi zami, ngakho unomqondo othize wokuthi bekuyokwenzekani uma Ubeyokwenza. Manje, ukuthi Uzokwenza noma qha, khumbulani angazi. Uma Engakwenzi, khona-ke ngizovele nje ngehle ngomugqa womkhuleko, ngikhulekele abagulayo, futhi ngikuyeke kuhambe kulokho, yilokho kuphela ebengingakwenza. Kodwa Akakaze angehlulekise, angikholwa ukuthi Uzokwenza kulobubusuku.

234 Ngifuna ukukhuluma nawe umzuzu nje, ngokuthi ungumuntu wokuqala ngqa, njengoba iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni, Yayizama ukuxhumana nomoya wakhe. Kuhle kakhulu, bekungaba ngowesifazane, owokuqala ngqa emgqeni womkhuleko, ngisanda kudlula nje kulokho kuJohane oNgcwele 4. Manje, sengiyaMbona nje ehlezi lapho, futhi ngibona lowo wesifazane ephuma ukuzokha amanzi, futhi Uqala ukumbuza.

235 Ngiyakholwa, manje, nizo—nizodingeka nje nicishe nithathe izwi lami ngalokho, ngikholwa ukuthi Wayezama ukuxhumana nomoya wakhe. UBaba wayeMthumele phezulu lapho, Wayedinga ukuba adlule, futhi Wathi Akenzanga lutho uBaba aze aMkhombise, ngakho uBaba wadingeka aMkhombise kuqala. Emva kwesikhashana Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, futhi Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

Futhi wathi, "Awu, leso yisibonakaliso sikaMesiya! Ngiyazi lapho Efika, Uzositshela zonke izinto, ngakho Ufanele ukuba ngumprofethi."

Wathi, "NginguYe." Futhi wahamba watshela umuzi.

236 Ngabe leso bekungaba yisimo sakho sokuziphatha ngakho na? Wazi ukuthi mina ngingumfowenu, futhi ngingakwazi, ngingakaze ngikubone empilweni yami, futhi sizalwe mhlawumbe siqhelelene ngamamayela, neminyaka ngokwehlukana, futhi nakhu ukuhlangana kwethu kokuqala, futhi uma Ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMemukela njengoMesiya na? U—uzokwenza na? Uyakwenza.

237 Owesifazane usibekelwe yithunzi lokufa. Kunethunzi elimnyama elilenga phezu kwakhe, futhi uphethwe ngumdlavuza. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, uyakukholwa na?

238 Manje, ngiyakuzwa lokho kufika kimi futhi, "Ukuqagelile lokho." Ningakucabangi lokho. Ungeke wazifihla manje, Ulapha. Niyabo? Sekuvele kugcobile manje. Angizange ngikuqagele lokho. Awu, awume kancane, ake sikumise lokho manje.

239 Ungumuntu okahle. Angazi ukuthi Ukutsheleni, into kuphela Akutshele yona, ngifanele ngiyithole kuleteyipu lapha futhi ngibone ukuthi Utheni. Kufana nje nokubuyela emuva wehle ngomfudlana wokuphila ndawondawo futhi ukuthole. Manje ngiyakubona kuza futhi, yebo, yisithunzi, ngubumnyama, ngumdlavuza. Manje, uma ngizokutshela ukuthi ukuphi lowomdlavuza, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Usemabeleni omabili. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

240 Enye into kulokho, udokotela wakho ukutshelile ukuthi uzongena emgogodleni, futhi. Kodwa kunjalo, ukusebenza ungena emgogodleni; isiphetho sakho. Uma iNkosi uJesu izongitshela ukuthi ungubani, ngabe lokho kuMenza uNkulunkulu ofanayo Ongasho...? Ngabe kunjalo na? Nkk. Hall, kunjalo. Awusuye owalapha. Uvela ezweni elibandayo, elibanda ngempela, futhi eligcwele izintaba, yiColorado. Lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. UyaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Buya, futhi uphulukiswe eGameni likaJesu Kristu khona-ke. Kwangathi izibusiso zaKhe nezihe kungahlala phezu kwakho, nokukunika i...?...kaMoya oNgcwele. UyaMkholwa na? UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa, yiba nokukholwa manje. Manje, unelisekile ukuthi UnguMesiya ofanayo na? Manje, hhayi mina, nguYena.

241 Manje, ninga—ningayaluzi, bafo. Niyabo, ngamunye ungumoya, futhi njalo lapho ninyakaza, kuvele kungihluphe kabi kabi. Niyabo? Hlalani nithule, hlalani nithule ngempela, nithule. Bukani ngapha. Ninganyakazi nje, niyabo, ngamunye wenu ungumoya nalologcobo luyafika, kufana nje—nje nomfudlana, niyabo. Futhi ngixhumana nawe, futhi usekuxhumaneni noNkulunkulu. Njengoba uxhumana noNkulunkulu, Ukhuluma nje ngendlela yaKhe...

242 Lombhobho uyi—uyisimungulu, uzofanele ube nento ethize ikhulume kuwo, kanjalo nami, ngiyisimungulu nje kulezizinto, kufanele kube nokuthile okuzokhuluma kukho. Ngakho ngamunye lapho unyakaza, noma uhambahamba, noma wenze okuthile...Niyabo? UJesu wakhipha indoda ngaphandle komuzi ngesinye isikhathi ukuthola...Niyabo? Hloniphani ngokuzithoba ngempela nje, bhekisisani. Manje, uma ufuna ukudumisa uNkulunkulu, lokho kulungile, kodwa ungasukumi futhi uhambahambe, niyazi, nezinto ezinjalo, ku—kuyaphazamisa. Wona, uMoya, uMoya oNgcwele unamahloni

kakhulu, unamahloni ngempela. Kusobala, ubungakwazi, mhlawumbe, kuze kube manje, kodwa hlonipha ngokuzithoba ngempela.

243 Manje, uphi umuntu olandelayo na? Sawubona? Angisangene, kodwa wugcobo. Ungumuntu omusha onamandla. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Yilokho iNgelosi eyakusho, "Uma ungathola abantu ukuba bakukholwe, bese-ke uba qotho lapho ukhuleka."

244 Manje, ungowesifazane osemusha nje, futhi angikaze ngikubone empilweni yami—yami, ngiqagele siyiziham-. . . Ngicabanga ukuthi ungowaseSpain. Wena . . . Kodwa angikwazi, nawe awungazi, futhi sihlezi futhi kulobubusuku njengoba kwakunjalo nje kuJohane oNgcwele 4 futhi, owesifazane. Angazi lutho ngawe. Siyizizwe ezimbili zabantu. Uyintombazane nje, futhi ngiyi—yindoda ephakathi nendima yempilo, kodwa sibonana okokuqala ngqa. Kodwa uma uNkulunkulu waseZulwini, Owathumela iNdodana yaKhe, uKristu Jesu, futhi waYivusa kwabafileyo, futhi wathumela emuva uMoya oNgcwele eGameni laYo, futhi wethembisa, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyaku . . . " Uyakholwa manje ukuthi wena umi eBukhoneni baKhe, hhayi obami na?

245 Unomuzwa oyinqaba, ngoba lokho kuKhanya kuhlezi phezu kwentombazane ngqo. Niyabo? Ngifuna usho lokhu ezethamelini uma lokhu kuqinisile, umuzwa omnandi ngempela wokuzithoba ukuzungezile. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zibone. Ngibuka ngqo kulokho kuKhanya okuzungeze intombazane.

246 Awukho lapha ngesingawe, akusiso isimo sakho, ulapha ngomunye umuntu, lowomuntu uyafa. Lowomuntu unomdlavuza, nomdlavuza usezindlaleni, futhi ngikholwa ukuthi udokotela usanda kumemezela nje ukuthi yilukhemiya isifo sokushodelwa yigazi, uyasibiza, emgudwini wegazi. Kunjalo. Indoda ayikho lapha, ingeyaseMexico, umlamu wakho. Kunjalo, akunjalo na? Kholwa manje, yiba nokukholwa ukuthi uzophulukiswa. Ngokukholwa kwakho, kuzoba njalo. Hamba, nokuthula kukaNkulunkulu kuphumule phezu kwakho, mntwana wami.

Baba, Nkulunkulu, busisa isicelo sakhe ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

Kholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho, yiba nokukholwa nje. Ngabe kukhona okungabazayo na? Ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

247 Ungasithathi isithombe njengamanje, manje, niyabo, Kungu—KungukuKhanya, ngifanele ngilandele lokho kuKhanya, niyabo.

248 Kulungile, nansi intombi imi lapha. Angiyazi, angikaze ngiyibone empilweni yami. Siyizihambi oyedwa . . .

Ayisikhulumi isiNgisi. Kunjalo. Ngi . . . Ungakwazi yini, omunye umuntu lapha angahumusha, u—ungeza lapha na? Ngiyabonga, yima lapha nje. Nje . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . engikushoyo manje, ngoba kuzofanele kuhambe ngaphansi kogcobo, niyabo. Manje, inenekazi alisikhulumi isiNgisi, ngakho lona wesifazane osemncane uzongihumushela.

249 Manje, nangu owesifazane engingamazi, angikhulumi ngisho nolwimi lwakhe. Ngiyisihambi kuwe. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzoMkholwa na? Uzongikholwa njengenceku yaKhe na? Khona-ke ngiyinceku yaKhe, futhi khona-ke Uzongembulela ukuthi yini oyizele lapha, khona-ke uyazi ukuthi kuzofanele kube nguYe, futhi hhayi mina. Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngenxa yengane yakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

250 Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini engalungile enganeni yakho, uzokwemukela ukuphulukiswa kwayo na? Ingane ihlushwa ukuguliswa ngokungahambisani nomzimba wayo, udokotela uthe, ukuguliswa ngokungahambisani nomzimba wayo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*, ukuze bakwazi . . . Uyakholwa na? Ibinakho, ayisenakho manje, sekuyishiyile, niyabo. Ayikwazi nje okwamanje. Makakuthole lokho, niyabo. Ungumuntu okahle. (Ungakuhumushi lokho.)

251 Nakhu Kufika futhi, nangu ebuya phambi kwami. Khuluma manje, ubone ngenkathi ngi . . . Unomunye umuntu enhliziyweni yakho. Ukhulekela othile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usayazi imfihlo yenhliziyo na? I—iBhayibheli lathi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango yenhliziyo. Kunjalo.

252 Ukhulekela umama wakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Umama wakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngomama wakho na? Unenkathazo yamanenekazi, ebizwa ngenkathazo yabesifazane. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Ufuna ngikutshele ukuthi ukuphi na? Akekho lapha, useTijuana. Sekuphelile, Usephulukisile. Hamba, uMkholwe manje eGameni leNkosi uJesu.

Asithi, "Mayibongwe iNkosi," wonke umuntu. Yiba nokukholwa, ungangabazi. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

253 Umzuzu nje. Iphi leyontombazanyana na? Woza lapha. Leyondoda ephakamise isandla sayo, ihlezi emuva lapha, khona lapha ekugcineni kwalelibhentshi, khona lapha ekugcineni, ayisikhulumi isiNgisi, kodwa iyakhuleka, ikhulekela othandiweyo, udade. (Hlala lapho. Ayize. Manje yitsheleni ime khona lapho.)

254 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma ngizokwembula kuwe lokho okukhulekelayo, uzokholwa eNkosini uJesu na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. (Mtshele ukuthi akalidingi, qhabo, alidingekile.) Ngibuke, buka lapha. Unokukholwa okuhle. Awulidingi ikhadi lomkhuleko. Uthinte ingubo yaKhe.

255 Ubukhulekela umuntu othile ogula ngempela, udadewenu. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Une-TB. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Ezansi eNogales. Vayizelisa isandla sakho, ukuthi . . . Mthumelele izwi ukuthi uJesu Kristu uyamsindisa, uma ezokwemukela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? UNkulunkulu akubusise. Ngiphosela inselelo noma yikuphi . . . Uthinteni na? Uthinteni na?

256 Leyondoda ebizama ukusiza leyo enye indoda lapho, mnumzane, wenzele uNkulunkulu umusa, usizile. Ubuzama . . . Yebo, uzama ukutshela okwakho . . . Awudingi ukuba uze, ume khona lapho, ukhuluma isiNgisi. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Kulungile, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, leso sibhono sizokushiya, ungaya ekhaya, usinde.

257 "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Awu, anazi yini ukuthi Ulapha na? Anazi yini ukuthi lowo nguYe na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

258 Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi, nawe awungazi, kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Manje yiba nokukholwa, ungangabazi, kholwa. Uma uzokholwa, zonke izinto ziyenzeka. Angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa uNkulunkulu uyakwazi, futhi uma Engembula kimi into ethize oyenzile, noma into ethize oyifunayo, noma into ethize oyifisayo, noma kanjalonjalo, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, ngiqonde inceku yaKhe na? Igama elithi *mprofethi* likhubekisa abantu izikhathi eziningi, niyabo, ngakho angisho lutho.

259 Ngabe iBhayibheli . . . ? Nifunda iBhayibheli kakhulu na? IBhayibheli liyasho, ukuthi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunanoma yiyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, futhi lisika lihlukanise, ngisho nasemnkantsheni wethambo, Lahlulela imicabango yenhliziyo. Kunjalo na? Awu, yini iZwi na? "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." Ngakho ngakho-ke nguJesu Kristu kithi, ehlulela imicabango yenhliziyo, iZwi lenziwe inyama phakathi kwethu kulobubusuku. Isoni esisindiswe ngomusa,

noNkulunkulu waseZulwini ehumusha yona impela imicabango yenhliziyo yakho, futhi ephulukisa abagulayo.

260 Ugula kabi kakhulu. Unesisu esinezilonda. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Yiqiniso lelo. Kunabaningi kakhulu babo laphaya ezethamelini, Kuyasakazeka ndawo zonke. Kubangelwa yisimo sokwethuka. Lapha, ake nginikhombise okuthize. Ake sibone ukuthi kanjani wena . . .

261 Wonke umuntu khona lapho ohlushwa isimo sokwethuka, phakamisani izandla zenu, thembekani. Ngizobabiza kanjani, niyabo? Nakho lapho okhona. Niyabo, kuza nje njengegagasi elikhulu manje, ndawo zonke. O, Nkosi yethu uJesu!

262 Unesisu esinezilonda, kanti futhi unenkathazo yenhliziyo. Udokotela ukunika umuthi othize ukuba uwuthathe, kodwa awukwazi ukuwuthatha. Kwenza uketshezi kuwe, futhi awukwazi ukuthatha umuthi wakho. Awusuye owalapha, uvela kwelinye izwe elibandayo, ungowasesifundazweni sase-Ohio, idolobha elibizwa ngeYoungstown. Igama lakho unguNkk. Mink. Unomyeni onesifo sikashukela. Hamba ukholwa, neNkosi uJesu izokusindisa.

263 Uyakholwa, yonke inhliziyo yakho na? Lokho bekufanele kwenelise. Uma ungakholwa manje, awusoze. Uyabo? Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho khona manje, ungamukela . . .

264 Manje, ninga—ningakwenzi lokho. Niyabo? Uyahambahamba. Lokho nje kudabula . . . Ngizodingeka ngime. Niyabo? Lokho ngukuthi . . . Awu, into yokuqala uyazi indodana yami izobe ingishaya eceleni, futhi lokho kusho ukuthi hamba. Niyabo? Hloniphani ngokuzithoba. Ake nje nithule nje kanye futhi, nizokwenza na? Khona-ke sizobacela nje ukuba babeke izandla zabo phezu komunye nomunye. Lapho usukuma kanjalo, niyabo, kuyamdabukisa uMoya oNgcwele, futhi ngithola . . . uyasuka kimi, futhi a—angikwazi ukuWulawula. Niyabo? Ngoba Uyadabuka, futhi Uyangishiya. Niyabo?

265 Ufanele, uma ungikholwa, uzokwenza engikutshela ukuthi ukwenze. Hhayi ukulalela mina, ulalela Yena ngephimbo lami, lapho ngikhuluma nawe. Lapho usukuma futhi uhambahamba kanjalo, uvele uphazamise, kabi kabi. Niyabo? Kul'khuni ukubamba uBukhona bukaMoya oNgcwele. Awukholwa, khona-ke uyasukuma nje futhi uhambahambe futhi unyakaze, ku—kuyalimaza. Niyabo?

266 Inenekazi lapho, ukhathazwa yizingalo zakho namahlombe, angikaze ngikubone empilweni yami, nenekazi, lihlezi khona lapha neduku phezulu ebusweni balo. Niyabo? Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. Une—nesihlobo, noma othandekayo okhathazekile emilenzeni yabo, ngumlamu wakho. Yiba nokukholwa futhi ungangabazi.

267 Ngiyisihambi kuwe, mnumzane. Lokhu...uNkulunkulu usazi sobabili. Manje, lapho i...Ngokukhumbula kwami, uyindoda yokuqala ngqa ebelapha emsamo kulobubusuku, ngokwazi kwami, ngicabanga ukuthi kusekhona abanye phandle ezethamelini, kodwa eyokuqala engazi ngayo. Manje, uma iNkosi uJesu izokwenza izinto ezifanayo njengoba Yenza ngenkathi uSimoni efika kuYo, futhi ingitshele inkathazo yakho, noma ukuthi uzele ini lapha, uyangikholwa njengenceku yaKhe na?

268 Ngabe lokhu kuzokholisa a, onke amadoda, njengoba kwenza abesifazane na? Manje, niyabo, labobantu phandle lapho abanawo amakhadi omkhuleko. Niyabo, akunandaba, Mthinte nje, uthi nje, "Nkosi, makube yimi."

269 Hhe! Lelonenekazi elihlezi khona lapho, lisho into efanayo nje ngaleyonkathi, likhathazwa yinkathazo yesibindi, kukushiyile. Lolohlobo lwengubo enemishwe, owesifazane oqatha, kade ukhathazwa yinkathazo yesibindi, awuzange na? Wena wathi, "Nkosi, makube yimi." Phakamisa isandla sakho manje uma lokho kunjalo. Kulungile, sekuphelile.

270 Uthinteni na? Niyabona ukuthi ukude kangakanani kimi na? Amafidi angamashumi amathathu noma amashumi amane, kodwa ukholiwe. Ngibone lesosibindi esindikindiki sehla *kanjalo*, kulungile. Kholwa, uzosinda manje.

271 Ngiyaxolisa, mnumzane, ngifanele nje ngilandele indlela uMoya ohola ngayo, niyabo, futhi ngi...Uphethwe yinkathazo yesisu, kunjalo, umongozini. Unezinye izinto ozama ukuzibeka phansi futhi uziyeke, umkhuba, yilokho okwenza isisu sakho sibe nenkathazo. Uke waphulukiswa ngaphambilini, komdlavuza. Yeka ukubhema osikilidi, yiba ngumfana olungileyo, kholwa eNkosini uJesu. Awusho, ngibona owesifazane emi ngakuwe, ngumkakho, ulindele ukuhlinzwa, isimo sowesifazane. Awusuye owakulelidolobha, ungowasePhoenix. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Ubungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Mnu. Sparrow, buyela ePhoenix, futhi uphiliswe eGameni likaJesu Kristu.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho wonke umuntu na? Awu, lokho ku—lokho kuhle ngokwenele-ke, yilokho kuphela okudingayo.

Uma uzokholwa uNkulunkulu, awusophinde ube nesifo samathambo. Hamba, uMkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uphiliswe.

Uma umkholwa uNkulunkulu, inkathazo yenhliziyo izokushiya. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ukukholwe.

Niyakholwa phandle lapho, ngamunye wenu na? Yiba nokukholwa nje, yilokho kuphela ofanele ukwenze.

272 Manje, nenekazi, ngenkathi ufika phezulu lapho esikhashaneni esedlule, bekuxovekile konke, leyonkathazo yeqolo izokushiya, uma uzokholwa. Qhubeka, uphiliswe, futhi ukholwe. Yiba nokukholwa nje, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami."

273 Uzofa uma lowomdlavuza ungaphulukiswa, kodwa uma uNkulunkulu ubengaphulukisa umdlavuza koyedwa, Uzowuphulukisa komunye. Uyakukholwa na? Kulungile, khona-ke hamba, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uNkulunkulu ngempela uzokwenza. Amen.

274 Sawubona, s'thandwa? Uyakholwa na? Woza lapha. Ngicabanga ukuthi ungenye yamantombazanyana amahle kunawo onke engake ngawabona, cishe njengawami, nginentombazanyana ekhaya, uSarah. Manje, buka, uJesu uwathanda onke amantombazanyana. Uyakukholwa lokho na? Manje, ukuba uJesu ubelapha, Ubeyothi. . . Wathi, "Vumelani abantwana beze kiMi, ningabenqabeli." Futhi Uyobeka izandla zaKhe phezu kwakho, futhi ubuyosinda. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Impela, ubuyokwenza.

275 Manje, uJesu ungakwesokunene sikaNkulunkulu eZulwini, kodwa Uthumela izinceku zaKhe emuva ukuba zikwenze. Ngakho manje, inceku, Wathi, "Uma lenceku ithi Ngiyithumile, futhi ingayenzi imisebenzi yaMi, khona-ke inephutha. Kodwa uma yenza imisebenzi, lokho kusho ukuthi Ngiyithumile."

276 Manje, uJesu uza ukuzokuphulukisa. Manje, uma Ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzoMkholwa, futhi uye ekhaya, usinde na? Khona-ke ungeke usakhwehlela, futhi awusadingeki ukuba uthathe enye i-Asthmador, isifuba somoya esidala sizosuka kuwe, eGameni leNkosi uJesu. Amen. Yiba nokukholwa.

277 Woza, nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile kuwe, uzokwemukela ngokuphulukiswa kwakho na? Khona-ke leyonkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane, obunayo, hamba, kholwa, futhi izokushiya. Amen.

278 Woza, nenekazi. Sekube yisikhathi eside selokhu ukwazi ukudla, futhi udle ngokufanele. Isisu sakho sikukhathazile. Hamba udle manje, uJesu Kristu uyakusindisa. Yiba nokukholwa. . .?. . . UNkulunkulu akubusise.

Uphandle lapha ngenxa yalesosifuba somoya, ucabanga ukuthi sizokushiya. Kodwa uNkulunkulu unguMphulukisi, Ukuyo yonke indawo, ngakho hamba nje, futhi ukholwe, Mfundisi ohloniphekile.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Igagasi. "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

279 Kukhona okwenzekile, angi—ngikwazi ukukubamba. Uhlezi lapho ugqoke leyojakhethi emhlophe, nakho-ke. Ngiyayibona leyojakhethi, kodwa ngingeke ngasho ukuthi bekukuphi. Kulungile, leyonkathazo yenyongo izosuka kuwe manje. Kulungile. Ungaya ekhaya, uphiliswe.

Khona phansi lapha ngesithuthwane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isithuthwane na?

280 Kukhona omunye ohlezi emuva lapho, lowomfo osemncane ogqoke isudu ebukeka iluhlaza sasibhakabhaka, nesandla sakhe siphakeme. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isithuthwane, mfowethu na? Sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Kholwa ukuthi uJesu . . . Ya. Uthinteni, amayadi angamashumi amathathu ukusuka kimi na?

281 UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ilapha. Niyakukholwa lokho na? Bengingakwenza kanjani lokho na? Ngingumfowenu. Bangaki kini abangamakholwa na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile. Ngabe uJesu usho lokhu, ukuthunywa kokugcina ebandleni: "Hambani niye ezweni lonke, nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo na?" Ngabe Wakusho na? Ngabe uyikholwa na? Wathini na? "Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." Ngabe kunjalo na?

282 Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye khona manje, futhi bazo . . . kuzo . . . nizohamba kahle nje, futhi nonke niphulukisiwe. Beka izandla zakho phezu komunye nomunye, noma ngabe ukuphi, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Phezulu kuvulandi osesitezi, yenzani okufanayo, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Nakho lapho okhona. Manje, ungazikhulekeli wena, omunye umuntu ukhulekela wena, wena—wena mkhulekele yena owesilisa noma yena owesifazane. Manje, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Manje khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lakho, uthi, "Nkulunkulu, phulukisa lomuntu, basindise."

283 Baba waseZulwini, ngiletha kuWe, ngamandla okuvuka kweNdodana yaKho uJesu Kristu, lezizethameli. Ngiyamlahla udeveli, ngiyakulahla ukungakholwa, ngikhipha omubi.

284 Phuma, Sathane, wehluliwe empini. Udaluliwe lapha, kulobubusuku, phambi kwalababantu, ukukhombisa ukuthi ungeke ume, umbuso wakho awusekho, uyabuthuka. UJesu Kristu uyeza, noBukhona baKhe bulapha kulobubusuku ukubonakalisa amandla aKhe. Ngiyakuyala, eGameni likaJesu, phuma kulababantu, futhi ubashiye bahambe.

285 Wonke owesilisa nowesifazane esakhiweni ongakholwa manje ukuthi uphulukisiwe, yimani ngezinyawo zenu futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu, ngimemezela ukuthi

